# *IZINKOMFA*

Ngiyabonga kakhulu. UNkulunkulu akubusise mfowethu.

2 Kuyinhlanhla enkulu ukubuya futhi, kulobubusuku, endlini yeNkosi ukukhonza nani mfowethu nodadewethu ekukholweni okuyigugu okufanayo kweNkosi uJesu. Ngicabanga ukuthi okuningi kwakho bekuyingxenye yami izolo ebusuku yokuthi mhlawumbe ngibambe isikhathi eside kakhulu. Ngine—nedumela lokubamba izinkonzo ezinde. Angizange ngibambe isikhathi eside kunabo bonke ubusuku. Angikaze ngithathe isikhathi eside kakhulu. Ngithe ukukhuphuka nomphostoli uPawulu ngenkathi eshumayela ubusuku bonke nomfana wawa kuvulandi osesitezi futhi wabulawa. Futhi wabeka umzimba wakhe phezu kwakhe nomfana wabuye waphila.

3 Ngakho, omunye wathi kimi, wathi, "Mfowethu Branham, u—ukhuluma nje isikhathi eside kakhudlwana." Awu, ngi—nginokuningi kakhulu engingakhuluma ngakho futhi, ya, nje a—nje angikwazi ukukukhipha konke ngesikhathi esisodwa. Nje ngi. . . Selokhu uKristu wangigcwalisa ngoBukhona baKhe, ngani, ngibe nokuningi kakhulu engingakusho ngakho.

4 Futhi ngakho kulobubusuku sizozama ukunikhipha kuseeli, ngoba ngicabanga ngezinhlonipho ngalabo abafanele bahambe ibanga elide, futhi ufanele uye emsebenzini, kanjalonjalo. Mhlawumbe kamuvanyana evikini sizokwelula kakhudlwanyana nje.

5 Futhi izolo kusihlwa sibe nomkhuleko wabagulayo, noma esikubiza ngokuthi. . . izikhathi eziningi kubhekiselwa kukho njenge "nkonzo yokuphulukisa." Kusobala asi. . . siyazi asiphulukisi muntu, kodwa nje siyabakhulekela. Futhi angikaze ngiphulukise muntu okwamanje, kodwa ngempela ngibe nezimpendulo ezinkulu emkhulekweni, ngibona iNkosi, Iphulukisa abagulayo. Futhi ngakho yingakho ngilapha, ukuzama ukuhlanganyela nani ngakulezizinto.

6 Futhi hhayi kuphela ekuphulukisweni komzimba, kodwa ukuphulukiswa komphefumulo futhi, okusemqoka kude kakhulu kunokuphulukisa umzimba. Manje, kungenzeka ukuthi uma uphila isikhathi eside ngokwanele uyagula futhi, ngoba ukugula. . . IBhayibheli lathi, "Ziningi izinhlupheko zolungileyo, kepha uNkulunkulu uyamkhulula kuzo zonke." Ngakho sinezinhlupheko eziningi ezithenjisiwe, kodwa ukukhululwa kuzo.

7 Engxoxweni ngenkathi uJack Coe ongasekho. . . Abaningi bangahle ukuba babemazi. Wayengumngane wami uqobo. Ngicabange kakhulu ngoMfowethu Jack. Futhi wayenokunjalo, ngiyaxolisa ngesisho, njengokukholwa kukabhova ukuba

nje abambelele ekuphulukisweni. Futhi waye. . .omunye wayeqhamuka nezinduku zokuqhugela, wayephethe imbazo noma okuthize lapho, wayebasika futhi abahlakaze, ngaphambi kokuba ngisho abakhulekele. Wayengasahambi ngalezozinduku zokuqhugela, u. . .a-hha, uma babengenakusuka bahambe, babengagaqa bahambe baze babe nokukholwa okwenele uku. . .

8 Futhi wayenensimbi yokugqonqela encane nesando kubekwe lapho, futhi othile wayekhuphuka efake izibuko ukuba akhulekelwe, ngenxa yamehlo abo, wayefinyelela phezulu futhi azisuse, futhi azihlakaze zonke ngensimbi yokugqonqela, aziphonse ngale eceleni.

9 Ngakho wangena enkathazweni ezansi eFlorida. USathane wamcupha futhi wathola umntwana akhumula izinsimbi zokubamba isitho. Kusobala niyayazi indaba. Umfundisi ohloniphekile uGordon Lindsay wayesezansi lapho ecaleni ngenkathi ijaji lithi, "Usho ukuthi lowomfana uphulukisiwe na?"

Futhi uMfowethu Jack wathi, "Uphulukisiwe."

"O," lathi, "ayikho into enjengaleyo."

Wathi, "Ngenkathi ngikhumula izinsimbi zokubamba isitho kuye, wahamba wanqamula emsamo. Uthe uphulukisiwe."

10 Wathi, "Manje, uma ungaveza umBhalo owodwa lapho uNkulunkulu ake enza khona noma yini enjengaleyo, uzophulukiswa lapha, noma okuthize, futhi kuzothatha umzuzwana nje, ngani, ngiyavuma ukwehlisa ngakho."

UMfowethu Lindsay wasukuma, wathi, "Ngingaveza umBhalo."

Wathi, "Ake siwuzwe."

11 Wathi, "Ngobunye ubusuku olwandle olunesiphepho, uJesu watshela uPetru, eza ehamba eya kuYe phezu kwamanzi; inqobo nje uma esahamba, wayephezu kwamanzi njengoba wayekholwa; kodwa lapho eselungele ukungakholwa, wacwila."

12 Ngakho kunjalo. Ngakho ijaji lalingalichitha icala. Kwakungeke kusabakhona lutho ngakho. Kunjalo impela. Niyabo, u—waye—waye, inqobo nje uma wayesahamba wayekahle; kodwa ngenkathi eqala ukungabaza, wehla.

13 Futhi nje kuhlala isikhathi eside kangakanani ukuphulukisa kukaNkulunkulu: inqobo nje uma ukukholwa. Futhi insindiso ihlala isikhathi eside kangako: inqobo nje uma ukukholwa.

14 Omunye wathi kimi esikhathini esithile esedlule, wathi, "Mfowethu Branham, angikhathali ukuthi uyovezani, obuyokusho, noma ubani omunye, o. . .Ungahle uvuse abantu abayishumi abafile, futhi wenze zonke isishosha zihambe," wathi, "Ngisalokhu ngi. . .ngeke ngikukholwe."

15 Ngathi, "Impela ngeke. Kwakungesikho okwabangakholwayo; kwakungokwalabo nje abakholwayo." Yilokho kuphela. Ku—kungokwamakholwa nje.

16 UJesu wathi, "Kulabo abakholwa." Abangakholwayo abafakiwe ngisho, niyabo. Ufanele nje uhawukelwe. Kukhona okungalungile ndawo ndawo. Ngakho uma uyikholwa, ngani, kungokwakho. Uma ungesilo ikholwa, khona-ke akusikho okwakho.

Futhi omunye wathi, "Unga . . .?" Wayephandle emgwaqeni ngolunye usuku, wathi, "Ungayitshela lendoda emi ekhoneni ukuthi yini engalungile ngayo na?"

17 Ngathi, "Uyazi, uNkulunkulu uthatha umuntu waKhe kodwa neze uMoya waKhe." UMoya waKhe phezu kuka-Eliya ufika phezu kuka-Elisha, bese-ke kuba kuJohane. Lowo owayephezu kukaJesu wafika eBandleni, futhi kwehle njalo onyakeni. USathane wenza into efanayo. Uthatha umuntu wakhe kodwa neze umoya wakhe. Ngathi, "Sengithi angicabange nje ngenkathi bebeka indwangu ngokuzungeza emehlweni kaJesu lapho enkantolo ngalokho kusa, futhi baMshaya ekhanda ngomhlanga, futhi bathi, 'Profetha futhi usitshele ukuthi ubani okushayile futhi sizokukholwa.' Akazange avule umlomo waKhe futhi asho iZwi, ngoba Akazange ahlekise abantu; Walalela uNkulunkulu kuphela." Niyabo?

18 USathane wathi kuYe "Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, ngani, yenza isimangaliso lapha phambi kwami. Ake ngisibone." Nikuzwile lokho kushiwo. Niyabo? Khumbulani nje, lowo ngudeveli. Niyabo? Lowo nguye. Niyabo? Wathi, "Uma uyiNdodana kaNkulunkulu," wathi, "nje—nje yenza isimangaliso futhi uphendule lesisinkwa . . . leli—lelidwala libe yisinkwa futhi ngizokukholwa."

Wathi, "Kulotshiwe, 'Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso.'"

Kwase kuthi-ke esiphambanweni, uSathane nalabobapristi bathi, "Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, yehla esiphambanweni. Khona-ke sizokukholwa."

19 Wayengakwenza, kodwa Wayeyobe elalela uSathane. Niyabo? Akakwenzi okushiwo nguSathane; Wenza lokho uNkulunkulu akushoyo. Futhi noma yiyiphi inceku kaNkulunkulu yenza okufanayo, ukulalela nje. Ngakho lapho uzwa lezoziphawulo, khumbula nje ukuthi kuvelaphi.

20 Unga—ungabedeleli abantu, kodwa bahawukele ukuthi basebumnyameni obuphelele nobumpumputhe, mhlawumbe emiselwe kulokho kulahlwa. Bese kuba yini-ke na? Lokho kubi, akunjalo na? Mm? Ngakho nje siyadabuka futhi nje siqhubekele phambili, sizithobe, futhi sibe ngamaKristu.

21 Manje, kulobubusuku ngifuna ukukhuluma kini phezu kwendaba encane ukuthi mhlawumbe mhlasimbe. . . ukuthi nje, size sithole izethameli zethu zithi ukulinganiseka, futhi siqale ukuvumela zonke izinkolelo-ze ziphume.

22 Futhi izolo kusihlwa ngicabange ukuthi okokuqala bekukuhle impela ukubona abaningi abasabelile kuMoya oNgcwele. Kusobala bengingabala okungenani ishumi nambili khona phakathi *lapha* abacabange ukuthi bekuyinkohliso noma into efana naleyo, kodwa uzoba nakho lokho noma kanjani, niyazi. Ngakho ungakuvumeli nje lokho kuphazamise labo abakholwayo. Bangabangakholwayo, abangakholwayo, futhi besesimweni esibi. E-hhe. Ngakho nje bakhulekeleni.

Kodwa manje kulobubusuku, ngifuna ukusondela endabeni ye-*Izinkomfa*.

Manje, ngifuna ukufunda umBhalo otholakala ku-Isaya 1:18:

> *Wozani manje,. . . sithende indaba, isho iNkosi: noma izono zenu zibomvu, ziyakuba. . . mhlophe njengeqhwa; noma zibomvu njengokububende, ziyakuba*-mhlophe nje*ngoboya bezimvu.*

23 Leyo yindikimba yeVangeli endala ejwayeleke kakhulu. Mhlasimbe abelusi benu usesondele kukho izikhathi eziningi. Futhi ngicabanga ukuthi kungenye yezindikimba ezigqame kakhulu, noma ezizwelanayo, zeTestamente eLidala: UNkulunkulu ezama ukubamba inkomfa nabantu ukuzindla ngezinto. UJehova uNkulunkulu, Owenza amazulu nomhlaba nazo zonke izidalwa ezikuwo, futhi nokho uyocela ukuba nenkomfa nabantu ukuba, "asikuzindle, ukubona ukuthi kuyoba yini."

24 Sizwa okuningi kakhulu kamuva nje mayelana nezinkomfa. Kube neziningi kakhulu zazo, futhi kuneziningi kakhulu izinkomfa ezibanjwa esizweni sonke, umhlaba jikelele. BengiseVisalia, e-Illinois, emavikini ambalwa edlule, noma, eVisalia, eCalifornia, emavikini ambalwa edlule, futhi sasinesakhiwo senqolobane yezikhali, into ethize ethi ayibe kanje noma ethe ukuba nkudlwana.

25 Futhi intambama yokuqala kwakukhona abantu abaningi kakhulu ababenqwabelene kuyo, ngaphambi kokuba kube mnyama base bejikise cishe amakhulu amaningi. Futhi ngobusuku obulandelayo kwakukhona cishe izinkulungwane ezimbili, ngakho asikwazanga ukuhlala lapho isikhathi eside. Senyukela ezinkundleni zemibukiso yedolobha elingumakhelwane. Ngehora lesithathu nqo ngaleyontambama babebaningi kakhulu phakathi lapho, babevale amasango futhi bengabavumeli ukuba bangene emva kwehora lesithathu nqo ntambama, ngakho, nje benqwabelana.

26 Futhi bahlela manje ukwenza isakhiwo esikhulu kwelinye idolobha elingumakhelwane ngombuthano omkhulu, ihholo elikhulu likamasipala. Futhi ngiyakhohlwa ukuthi kubiza izigidi ezingaki zamadola, phezulu le ngingathi, mhlawumbe, amashumi amabili nanhlanu, amadola ayizigidi ezingamashumi amathathu. Futhi bathi, noma, bakumemezela emsakazweni nasemaphepheni, ukuthi phakathi kwesikhathi seminyaka emibili babengaphezu kokukhokhela isakhiwo ngezinkomfa nje. Futhi ngokuthi babezoba nalendawo enkulu, leyo amaklabhu amaningi kakhulu, kanjalonjalo, obamba izinkomfa zabo, namadlangala nezinto, babe . . . usuvele uzama ukubhukha iminyaka ezayo, uletha imali edolobheni, kwabantu abangena edolobheni ngalezinkomfa ne—nemihlangano kanjalonjalo.

27 Sithola ukuthi kunenqwaba yokuhlangana ndawonye ngalezizinsuku zokugcina, ngaphezu kwalokho okwakuvame ukuba khona. Futhi ngicabanga ukuthi sekuyisikhathi sokuthi abantu bakaNkulunkulu baqale ukuhlangana ndawonye kakhulu. Mm. "Wozani, sithethe indaba," kusho uNkulunkulu, niyabo.

28 Ngicabanga ukuthi sekuyisikhathi sokuthi amabandla ahlangane ndawonye, imehluko yethu emincane yadilizwa, nokwethu . . . sahlangana ndawonye ngokuba munye. UJesu wakhuleka ukuba sibe munye: ". . . lokhu bonke abantu bayokwazi ukuthi ningabafundi baMi, lapho ninothando, omunye komunye." Futhi sekuyisikhathi, ngiyacabanga, ngalesisikhathi, ukuthi sifanele sizihlanganise ndawonye futhi sibe munye kakhulu, ngokuba asehlukene. Sinemibono ehlukene, njengoba nje imilobo yethu yezithupha ingafani, no—nokulangazelela kwethu ukudla, mhlampe, bekungeke kufane; kodwa nokho, ngokomgomo siyizidalwa ezingabantu. Futhi kungaleyondlela ebuKristwini: imehluko yethu yezinhlangano zethu, nokho eyodwa. Simunye ngoba singabantwana bakaNkulunkulu, abazalwa nguMoya waKhe, sigezwe eGazini laKhe.

29 Futhi yingakho silapha kulobubusuku, kusenkomfeni. Lena yizinkomfa lapho sihlangana khona ndawonye. Sibe nazo esizweni, uzwelonke. Lapha eMpini yoMhlaba yokugcina, abaningi benu bantu abangangami nabancane impela bangakhumbula i—iMpi yoMhlaba yesiBili, ngenkathi babenezinkomfa.

30 Siyamangala ukuthi izinkomfa ziyini . . . zingezani, empeleni na? Kungukuthi, ukuba bona bathathe o—ohlakaniphe kunabo bonke beqembu nokuhlangana ndawonye futhi bazame ukwenza isu elithize ukwenza okuthile. Ngokuvamile zibanjwa ngesikhathi senhlekelele, yilapho bebiza izinkomfa ndawonye, ngesikhathi senhlekelele. Kube yisikhathi esimnandi ukuba neyodwa ebandleni lomhlaba wonke likaNkulunkulu ophilayo, bekungeke, ngenxa yenhlekelele esibhekene nayo:

ubukhomanisi na—nazo zonke izinto, izimfundiso ezigqamileyo zezwe. Ibandla liyaphola. Futhi sekuyisikhathi sethu sokuba sihlangane futhi sizindle, sihlangane ndawonye kulezizinto.

31 Manje, babiza enye yezinkomfa, yezinkomfa zomhlaba, iBig Four. Abaningi benu bayakukhumbula lokho, ngenkathi amandla eBig Four ehlangana ndawonye. Owethu othandekayo uDwight Eisenhower, umongameli wethu, bese kuba futhi uChurchill, namanye amandla amakhulu omhlaba, abiza iNkomfa yeBig Four. Kwakukhona inhlekelele. Izizwe zazi. . .lokhu. . .izizwe ezithanda ukuthula zazisesikhathini senhlekelele, ngenkathi uHitler namaNazi na. . .bonke nje base bezoqeda u—umhlaba. Futhi abathanda ukuthula, abantu abesaba uNkulunkulu, nefa lethu elikhulu, lalisengozini. Ngakho-ke bahlangana ndawonye benzela inkomfa.

32 Kwakukhona iNkomfa yaseGeneva. Sonke singayikhumbula iNkomfa yaseGeneva, kanti futhi neNkomfa yaseParis, nokuthi bakwenza kanjani lokho. Bayabona ukuthi kunenhlekelele equbukayo, bese-ke bebiza okuhle kunakho konke abaziyo ukuthi kanjani. Izinhloko zezizwe ziyahlangana futhi zizindle phakathi komunye nomunye ukuthi zizokwenzani. Zikhetha indawo ethize futhi. . . ndawondawo lapho kufaka ugqozi khona.

33 Futhi bangena kulendawo futhi baxoxe futhi bahlanganise imibono yabo ndawonye, ukuthi bangahlangana kanjani ndawonye njengomholi omkhulu oyedwa, njengesizwe esisodwa esikhulu, njengebutho elilodwa elikhulu, bonke behlangene ukuba babe munye.

34 Lokho bekungaba yilokho. . .Besingenza into enkulu uma lonke ibandla likaNkulunkulu elihlengiwe belingahlangana ndawonye futhi lenze leyonto efanayo. Sonke sibeka phansi imibono yethu emincane nemehluko emincane e—ehlukanisa abantu ngempela, futhi besingahlangana ndawonye njengobunye obukhulu obubodwa bukaNkulunkulu. Ubukhomanisi bebuyobaleka; i. . .zonke ezinye izimfundiso ezigqamileyo beziyobaleka, lapho ibutho elikhulu likaNkulunkulu beliyoke lihlangane ndawonye.

35 Manje, sithola ukuthi kulezizindawo zokubuthana bazama ukuthola indawo efaka ugqozi. Ngangi. . .Kade ngiseGeneva lapho ababebambe khona iNkomfa yaseGeneva. Impela yindawo efaka ugqozi. Kukhona okuthize mayelana nezindawo okuzo, izimo ezikuzungezile ezakha imvelo, kukusiza kakhulu.

36 Ngingacabanga ngezikhathi ezinkulu kunazo zonke zokuphila kwami (ngingumuntu wangaphandle.) ngukuphumela ezintabeni futhi ubuke ukushona kwelanga, ulalele ukumemeza kwezilwane zasendle, uzwe izinyoni. Kufaka ugqozi; kuyinto ethize eyenza okuthile kuwe.

37 Khona-ke singafika endaweni lapho singathola khona ugqozi ngokuhlangana ndawonye, izindawo zokuhlangana.

Abanye bethu bebengagodola futhi behluke kancane, baqhele emhlanganweni womkhuleko ngoLwesithathu ebusuku, bahlale ekhaya ukuba babuke uhlelo oluthize lwethelevishini olungafanele luvulwe. Futhi abantu bathola ukuthatheka ngalokho futhi baqhele emhlanganweni womkhuleko, ukubuka uhlelo oluthize oluwubuwula.

38 Khona-ke lapho sihlangana ndawonye kulezizimvuselelo kungukuhlanganisa iziphiwo zethu nenkonzo yethu ndawonye, ukukuhlanganisa ndawonye kube yimvuselelo ukuletha ugqozi phezu kwabantu: ukubuthanela ndawonye ukuqubuka kwemvuselelo yangempela, noma, manje, ukuya ekhaya kweBandla, ngokuba siseduze kwesikhathi sokuphela.

39 Lokho kwaziwa ngempela, ukuthi sesiseduze kokuphela. Futhi manje, njengoba sizizwele kakhulu imihlangano, ubusuku noma obubili njengoba siqhubeka, sibone ukuthi uMoya oNgcwele uzohola ngayiphi indlela, sizongena kukho, iNkosi ithanda.

40 Kodwa manje, ukuphefumulelwa, yizindawo nezimo ongangena kuzo, kodwa ukuba uphefumulelwe. Mina, ngingumthandi wempilo yangaphandle, ngiyathanda ukukhwela phezulu ezintabeni futhi ngilalele ukubiza kwasendle. Futhi bengikuthanda kusukela ngisengumfanyana. Hhayi kakhulu ukuzingela isilwane, kodwa nje ukuba semahlathini, ngoba kukhona okunginika ugqozi.

41 Lapha eminyakeni embalwa edlule ngangisenhla lapha eColorado, lapho engingumholi khona wezimpahla; kade ngikhipha abantu iminyaka. Ngolunye usuku umfuyi wezinkomo nami sabuyela emuva sekwedlule isikhathi, emva kwabaningi be. . . thina . . . kubizwa ngokuthi "abafo", babengene base bethatha inyamazane yabo idiye nokunye nokunye, base bephuma. Bese-ke sibuyela emuva, phezulu le entabeni. Futhi yilapho engiba nenkomfa encane yangasese khona, njalo lapho ngenyuka, neNkosi. Ihlala njalo ingikhombisa okuthize, noma ingisondeza kuYo, lapho ngisuka kuyo yonke into.

42 Futhi kulonyaka iqhwa lalithe ukuba leyithi kancane nomhlambi wezinyamazane ama-elki wawuphakeme. Kwakukhona iqhwa phezulu, ngakho ngadingeka ngenyukele phezulu ukuze ngithole inyamazane i-elki. Ngenye intambama enhla lapho, kwakukude ekugcineni kuka-Okthoba, a—abantu abaqhaqhazelayo, phansi phansi, kwakunjengeziqhumane nje, ziphuke kakhulu futhi zomile. Futhi ngangiphezulu eqhweni. Nesimo sezulu singashintsha ngokushesha okukhulu phezulu lapho. Kungaba umzuzwana owodwa lina, bese-ke likhithika, bese-ke likhanya ilanga. Futhi nakho kukhuphuka isiphepho, ngase ngifika emva kwesihlahla ngase ngibeka isibhamu sami esikhulu phansi futhi ngalinda kwaze kwadlula ukuqhuma.

43 Futhi ngangiseduzane ngqo nelidala eliqhunyiswayo eduze komugqa wemithi yamapulangwe. Lokho kuphakeme kakhulu njengoba imithi yamapulangwe ikhula, uze ungene esihlahleni esibhashile, kanjalonjalo. Kwathi-ke lapho ngimangele ukuthi kanjani. . .Ngangihlezi lapho emva kwesihlahla, ngizwa imimoya ivunguza, futhi ngicabanga ngeNkosi, emva kwesihlahla esikhulu seshoba. Futhi emva kwesikhashana isiphepho sayeka. Ngasukuma, ngaqalaza.

44 Futhi umhlambi omkhulu wezinyamazane ama-elki engangizama ukungena kuwo, zazikade zehlukene ngesikhathi sesiphepho, futhi ngangizizwa izinkunzi ezinkulu zikhala. O, kukhona okuthize ngakho nje okufaka into ethize ephilayo kuwe, ukuzwa labobafo bekhala; ngiyabahlonipha kakhulu. Khona-ke ngale entabeni ngezwa impisi iklabalasa, umata wayo eyiphendula phansi ekugcineni. Ngabuka ngale ngasentshonalanga nelanga lase lishona, futhi nje ngihamba emifantwini yezintaba, iso elikhulu eliwumlingo, kwakubukeka kanjalo, elikaNkulunkulu ebuka ngaphesheya kweziqongo zezintaba, umkhathizwe ol'hlaza s'bhakabhaka; futhi ngibona ngaleyonkathi lapho imimoya yayivunguze khona na—namanzi ayebe yiqeqeba lamakhaza ezitshalweni ezihlala ziluhlaza futhi kwabumba uthingo lwenkosazana olwahamba yonke indlela ngaphesheya komgede.

45 O, konke lokho kanyekanye, ngavele ngaphuka njengengane ngase ngiqala ukukhala izinyembezi. Nango Wayelapho, uNkulunkulu othingweni lwenkosazana, isivumelwano; bheka kukho njengo-Alfa no-Omega, ijaspi nesardiyu, bobabili uRubeni noBenjamini, owokuqala nowokugcina. Nango Wayelapho, ehhewula phezulu lapho empisini; Wayelapha, ekhala e—enyamazaneni i-elki. Nomaphi lapho ubheka phezulu lapho, kwakubonakala sengathi uNkulunkulu.

46 Yileyondlela engithanda ukuthola ngayo lokho kuphefumulelwa. Ngisukume phakathi lapho ngedwa noNkulunkulu, phezulu kakhulu. Amamayela namamayela namamayela, angikwazanga ukwehla izinsuku ezithi azibe mbili, uku. . .ngithathe ukuba ngehle lapho engangikhona ngiya lapho amahhashi ayeboshwe khona. Kodwa nje phezulu lapho ngedwa noNkulunkulu. Lala phandle lapho ngalobobusuku entabeni.

47 Futhi ngenkathi sisephezulu lapho ngisanda kuthola nje omunye waleyomimoya ethokozayo ngempela kimi. Ngiqagele akuxakile kini bantu bePentecostal. Futhi ngajabula kakhulu ngabeka isibhamu phansi ngasencikisa esihlahleni ngase ngiqala ukugijima ngizungeza ngizungeza isihlahla, nje ngigxumagxuma ngamandla ami onke, ngimemeza ngephimbo lami lonke, "Ayibongwe iNkosi! Ayibongwe iNkosi!" Futhi ngiqagele ukuba omunye ubengafika

emahlathini, babeyocabanga ukuthi kwakukhona othile ophuma esikhungweni sezinhlanya lapho.

48 Ngazungeza futhi ngazungeza isihlahla ngahamba, ngamandla ami impela nje, ngimemeza kakhulu futhi ngikhahlela phezulu izinalithi zeshoba. Ngadingeka ngidedele ingcindezi ndawo ndawo kungenjalo ngangiyoqhuma. Kwakungukuthi nje, nganginesikhathi esimangalisayo nje, ngoba ngangiseBukhoneni bukaNkulunkulu ngqo, nginenkomfa naYe, ngikhuluma nje, "Umkhulu kangaka! Umkhulu kangaka!

49 "Nakho lapho Ukhona, ndawo zonke. Ulapho ezibhakabhakeni, esweni lomlingo welanga, ugijima uya emuva naphambili emhlabeni. Nakho lapho Ukhona othingweni lwenkosazana. Nakho lapho Ukhona empisini. Nakho lapho Ukhona enyamazaneni i-elki. Nakho lapho Ukhona emimoyeni; uzwe leyo ivunguza kulawomashoba sengathi athi, 'Adamu, ukuphi na?'" Niyabo, uhambahamba, ukuphefumulelwa, inkomfa yangempela yoqobo, unayo noNkulunkulu.

50 Futhi khona manjalo ngaphazamiseka. Futhi a—angithandi nje ukuphazamiseka kulezozinhlobo zesikhathi, ngakho, ngithanda nje ukukumemeza kakhulu ngize ngithole—ngithole ukweneliseka konke. Ngase-ke ngibuka futhi kwakukhona ingwejeje encane yeshoba. O, iyishinga elincane, elithi alibe linde *kangako*; iphoyisa lejazi eliluhlaza lasemahlathini. Futhi izokwethusa yonke into ezweni. Futhi zonke ziyayilalela, ngoba ihlala njalo ilungele uku "tshweke, tshweke," entweni ethize. Yagxumela phezulu esiqwini esidala noma ugodo lapho, yangibuka futhi yaqala nje ukukhonkotha ngamandla ayo onke, "Tshweke, tshweke, tshweke, tshweke."

51 Futhi ngacabanga, "Awu, yini indaba ngomfo omncane." Ngathi, "Awukuthandi lokho na?" Ngathi, "Bhekisisa lokhu, khona-ke." Futhi ngazungeza, futhi ngazungeza, futhi ngazungeza, futhi ngazungeza isihlahla ngahamba futhi. Futhi yayilokhu itshwekeza kakhulu. Ngathi, "Ngidumisa uMdali wami, mfo omncane." Ngathi, "Nginesikhathi esimnandi naYe. Sibambe inkomfa lapha. NgiMtshelilile ukuthi bengingenalutho futhi Uyangigcwalisa, uyabo? Nansi indlela okuhamba ngayo." Futhi ngazungeza, futhi ngazungeza, futhi ngazungeza isihlahla ngahamba futhi.

52 Futhi kwenzeka ngaqaphela umfo omncane wayenganginaki kakhulu kangako, lapho wayelokhu epheshula ikhanda lakhe elincane eceleni, iso lakhe elincane liqhunsuleke esihlathini, cishe impela, libuka phansi *kanje*. Awu, ngama, ngase ngicabanga, "Manje yini engiphazamisayo na?" Futhi ngabuka phansi kulokho kuqhuma. Futhi ngesikhathi sesiphepho sasiphoqe ukhozi olukhulu lwehlele e—ehlashaneni lapho izihlahla zazigamanxe khona futhi iminyaka ngaphambi kokuba ibe nokuqhunyiswa phansi. Futhi lwalutshiyoza noma—noma

luqophisana nalolukhozi, nokhozi olukhulu lwaluhuquzela luphuma ngaphansi kwalelihlashana. Futhi lwangibuka phezulu, lwase lugxumela ogodweni.

53 Futhi ngacabanga, "Awu, manje, yini enokwesaba uNkulunkulu kangaka ngawe na?" Ngase ngilubuka ka*njalo*, ngase ngicabanga, "Awu, Nkulunkulu, Ungivumeleleni ukuba ngiyeke ukuKukhonza nokumemeza, ukuba nje ngibuke lolokhozi oludala na?" Awu, ukhozi. . . UNkulunkulu uzifanisa nokhozi, futhi Ubiza abaprofethi baKhe ngo "khozi" ngoba ukhozi lungandiza luye phezulu kunanoma iyiphi enye inyoni ekhona. Akukho lutho olungalulandela. Uma uklebe ubungazama ukululandela, ubuyohlakazeka emoyeni. Futhi kunjalo.

54 U. . . awu, uneso ukuthi angabona emva kokuba esefike phezulu lapho. Yingalesosizathu ngithi, noma ubani ogxumayo, vele ugxume uye phezulu ngangokunokwenzeka, uyazi. Yilokho kuphela, ngoba kusiza ngani ukusukuma, uma ungaboni okuthile ngenkathi usephezulu lapho na? Akusizi ngalutho. Ngakho u—ukhuphukela lapho, futhi uneso angabona izinto ezikude ngaphambi kokuba zifike lapha, futhi yingalesosizathu uNkulunkulu afanisa izinkozi nabaprofethi baKhe, noma, abaprofethi baKhe nezinkozi; futhi Uzibiza ngo "Jehova-Khozi," ngakho. . . futhi singa "machwane ezinkozi."

55 Manje, kunenqwaba yomehluko phakathi kokhozi nenkukhu. Kokubili yizinyoni, kodwa enye yazo iboshelwe emhlabeni nenye iboshelwe ezulwini. Ngakho lokho nje kwehluke kakhulu, kuphela kumayelana nomzala noma okuthize. Ngakho uma inkukhu ingakwazi ukususa izinyawo zayo emhlabathini, ungakhathazeki; iyinkukhu nje kwasekuqaleni nje, niyazi. Ayisoze yakhuphukela lapho futhi yazi ukuthi ukhozi lwazini, olungandiza luphumele lapho kwezasemazulwini.

56 Ngakho ngambhekisisa lomfo njengoba wayehlezi lapho, namehlo akhe amakhulukazi abukeka empunga engibhekile. Futhi nga—ngacabanga, "Awu, yinye into engiyazisayo ngaye. Akesabi." Futhi ngi—ngiyalizonda igwala, ngakho, uNkulunkulu uyalizonda naye. Ngakho, umuntu owesabayo emva kokuba esephulukisiwe ukufakaza ngakho, umuntu uNkulunkulu amsindisile futhi khona-ke unamahloni ukutshela omunye ukuthi usindisiwe futhi wagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, anginakho ukwethemba okungako ensindisweni yakhe. Ngakho, lapho ukutholile ngempela ufuna ukutshela wonke umuntu. Ungeke nje wathula du. Okudingwa yibandla ngomunye futhi uMoya oNgcwele noMlilo kulo onyakazayo; lokho kunyakazisa ibandla. Kuthatha uMlilo ukunyakazisa ibandla.

57 Ngakho lomfo omdala, ngambhekisisa imizuzwana

embalwa, futhi emva kwesikhashana, emva kokuba esebonile ukuthi ngangimncoma, ngathi kuye, “Hheyi, uyazi ukuthi ngingakudubula ngaphambi kokuba usuke kulologodo na?” ukubona nje, ukubona nje ukuthi wayengangesaba yini. Wayengesabi, wayehlezi lapho nje. Futhi ngaqaphela . . . “Yini ekwenza uqiniseke kangaka ngawe na?” Ngaqaphela lwalulokhu lunyakazisa amaphiko alo, lizwa nje ukuthi zonke izimpaphe zazisesimweni esikahle yini. Isizathu lwalunokwethemba okuningi kulawomaphiko, futhi lwalwazi ukuthi lwalungaba kuleyomithi yamapulangwe ngaphambi kokuba ngize ngibeke isandla sami kulesosibhamu esikhulu. Futhi lapho ngathola isifundo. Ngacabanga, “Lapha kulenkomfa ngifunda okuthile,” niyabo.

58 Manje, lolokhozi lwalunamaphiko amabili uNkulunkulu alunika wona, futhi lwalunokwethemba kulawomaphiko. Lwalwazi ukuthi lwalungenzani ngalawomaphiko, futhi lwalungangesabi nhlobo. Ngakho-ke lalwazi ukuthi lwalungaba kuleyomithi yamapulangwe ngaphambi kokuba ngisho ngifikise isandla sami esibhanyini esikhulu.

59 Futhi ngacabanga, “Uma lolokhozi, nga—namaphiko amabili uNkulunkulu alunika wona, ngazi ukuthi lwalungaphunyuka lapho ngaphambi kokuba ngenze noma yini ngakho, obekufanele umKristu owemukele uMoya oNgcwele . . . ?” Inqobo nje uma ungezwa uBukhona baKhe ngakuwe nayo yonke into ihlelekile (“Akukho ukulahlwa kwabakuKristu Jesu, abangahambi ngokwenyama, kodwa ngokukaMoya.”), lapho uzwa lesosimo sokugijima, unga—ungakhathazeki ngokuthi uSathane uzokwenzani. Nje, niyazi niyazwana-ke.

60 Ngakho ngalubhekisisa ngaleyondlela. Futhi ngithola ukuthi, lwalungangesabi, kodwa nje aluthandanga ukuzwa leyongwejeje endadlana yasemhlabathini, ingwejeje endadlana yeshoba, ihlezi lapho ithi “Tshweke, tshweke, tshweke. Tshweke, tshweke, tshweke,” sengathi lwaluzoyidwengula ibe yizicucu; ngani, yayingeke yenze lutho, yayincane kakhulu. Ukhozi lwalungayicosha futhi lokho kwakuyoba . . . ngani, unyawo lwalo lwalulukhudlwana kunengwejeje. Ngakho, kodwa ingwejeje encane yayigxuma phansi phezulu sengathi yayizoludabula lube yizicucu, ukwenza nje ukukhohlisa ngakho, niyazi.

61 Ekugcineni endala yenza ukhozi lwenela yikho. Ngakho lwavele nje lagxuma kanye kakhulu, lase libhakuzisa amaphiko alo cishe kabili, lase-ke lihlela amaphiko alo. Futhi ngama lapho futhi ngalubhekisisa lolokhozi ngaze ngakhala. Aluzange lubhakuzise amaphiko alo, lubhakuze, lubhakuze, lubhakuze. Lwavele nje labhakuza okuthi akube kabili lwaze lwathola okwalo . . . phezulu ngaphezu komugqa wemithi yamapulangwe, lase-ke lalazi nje ukuthi ahlelwa kanjani amaphiko alo

kulawomagagasi omoya enyuka entabeni; futhi nje aluthwala lwaqhubeka njalo, njalo, njalo, laze laba yibala nje elincane. Futhi aluzange lunyakazise uphaphe, lwalazi nje ukuthi lwenzeni.

62 Futhi ngacabanga, "Akusikho lokho na? Akusikho, joyina iMethodisti, bese-ke uhamba ujoyine amaBaptisti, bese-ke ujoyine i-Assemblies, bese-ke ujoyina iChurch of God. Akusikho ukubhakuza, ubhakuze, lapha; nokubhakuza, ubhakuze, lapho; kungukwazi nje ukuthi uwahlela kanjani amaphiko akho okukholwa emandleni kaNkulunkulu, futhi lapho inkazimulo igingqika ingena, vele ugibele kuyo, uqhubeke, uqhubeke."

63 Suka kulezo zingwejeje zesihlahla ezindadlala eziboshelwe emhlabeni, zithi, "Tshweke, tshweke, izinsuku zezimangaliso selwedlule, ayikho into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, awusekho uMoya oNgcwele. Kwakungokwabaphostoli kudala." Vele uhlele amaphiko akho futhi undize, uqhubeke, uqhubeke, uqhubeke, uze ungabe usakwazi ukukuzwa. Yilolohlobo lwenkomfa esilufunayo noNkulunkulu, oluzosiphakamisa ngaphezu kwamathunzi, lusisuse kuze kube yilapho konke ukugxekwa nanoma yini, awusakwazi ukukuzwa, vele uvalelwe ngaphakathi noNkulunkulu. Awudingeki ukuba ujoyine lena, joyine leyo. Yazi nje ukuthi uhlela kanjani ukukholwa kwakho.

64 Kunjalo. Hlela nje ukukholwa kwakho eZwini likaNkulunkulu. Futhi lapho leloTestamente eLidala neLisha lithola ukusabalala lapho ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade, futhi lapho amandla kaNkulunkulu egibela engena, gibela nawo. Yenyuka nje ngqo, phezulu, phezulu, phezulu, phezulu, yonke indlela. Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Angehluleke.

65 O, lezizinkomfa, kufanele kube ukucabangela ngomkhuleko wethu sonke. Asifanele nje sivumele okukodwa kwenzeke bese-ke singakukhulekeli, kokubili kukazwelonke nebandla nanoma kungaba yini. Sifanele sikhuleke njalo.

66 Umngane wami ongumfundisi, umfowethu olungileyo ongumKristu, e. . .ngenkathi iNkomfa yaseGeneva, wayelinde emsakazweni wakhe, ukuzwa imiphumeya yawo, ngoba isizwe sakithi sasisengozini, nefa lethu elikhulu okhokho bethu abalilwela lalisengozini. Futhi wayengelungile, elungile, indoda emesabayo uNkulunkulu. Wayehlezi elalele.

67 Omunye wangqongqotha emnyango wakhe e. . .imidlwembe yesimanje, nentshebe yakhe, engcolile. Kanjani ezweni ukuthi abantwana baseMelika babengake bahambe bayofuna into enjengaleyo, bese-ke bephumela lapho. . .Wangqongqotha emnyango, wayesethi, "Mnumzane, ngilapha ukuzothengisa ezinye zezinkondlo zami namaculo ami," wathi, "futhi abayikungizwa." Futhi wathi, "Ngeke banginike izethameli.

Futhi bangitshela ukuthi uyindoda ethonyekile. . .indoda enokuthonya edolobheni."

68 Wathi, "Ndoda elungileyo, ngena bese uhlala phansi umzuzu nje. Ngilalele leyo miphumela." Kodwa, o, wayengeke ame athule. Qhabo, mnumzane. Yena. . .kwangathi. . .lokho kwakusemqoka kakhulu kunomphumela wesizwe.

69 Futhi yileyondlela inqwaba yamalunga ebandla azithola ngayo namhlanje, lezozinto ezincanyanyana ezingumbhedo ezenzeka phakathi kwabantu zibaluleke kakhulu kuneBandla langempela likaNkulunkulu ophilayo. Asikhohlwe yizinto zethu ezincane futhi sisuke sindize. Asilalele imiphumela.

70 Manje, lapha hhayi. . .babenenye inkomfa engithanda ukukhuluma ngayo umzuzwana nje: inkomfa yokugcina ababenayo esakhiweni se-U.N., lapho iMpumalanga neNtshonalanga yahlangana khona ndawonye, lapho uKhrushchev akhumula isicathulo sakhe futhi washaya ideski ngaso. U-Eisenhower noKhrushchev bahlangana, u-Eisenhower emele amazwe amahlanu akhululekile noKhrushchev izwe lamaKhomanisi aseMpumalanga. Futhi lokho kwahamba ngqo phezu kwekhanda labantu abaningi, bengakhuleki mayelana nakho.

71 Kodwa uma kwenzeka naqaphela ukuthi leyo kwakuyimpendulo eqondile nesiprofetho esiqonde ngqo sagcwaliseka ngalesosikhathi. Kwakuyisiprofetho esiqondile. IMpumalanga neNtshonalanga kwakugcwalise khona impela okwashiwo nguDaniyeli, ukuthi, lapho, imibuso eyishumi, iyobakhona, ibingeke ixubane, njengensimbi nebumba bekungeke kuhlangane ndawonye. Negama elithi *Khrushchev* eRashiya lisho "ubumba"; igama elithi *Eisenhower* ngesiNgisi lisho "insimbi"; futhi insimbi nobumba kwakungenakuhlangana.

72 O, njengoba sibona lezizinto zisondela besifanele siguqe ngamadolo ethu simemeza kakhulu, "O Nkosi Jesu, senzele okuthile khona manje." Singahle sizame ukudonsa umuntu wokugcina ongangeniswa eMbusweni kaNkulunkulu; sizihlanganisa ndawonye futhi sibe nezinkomfa nemihlangano futhi sihlangane ndawonye emihlanganweni yomkhuleko ubusuku bonke. Inkathazo ngebandla kulobubusuku, siyahamba nje futhi siguqe phansi, futhi sikhuleke futhi sizamula izikhathi ezimbalwa, siyozela futhi sikhathele, futhi sifanele siye ekhaya futhi siyolala.

73 Akufani nebandla lePentecostal lasekuqaleni. Bakhuleka imini yonke nobusuku bonke. Ngahlangana nalezi zingwazi ezindala kusukela eminyakeni engamashumi amane edlule, zathi zaziyokhuleka usuku lonke nobusuku bonke, zihambe ezitaladini. Namhlanje siba ngaziswayo futhi sifuna ukuqhathanisa namabandla amakhulu, futhi yilapho

esenza khona amaphutha ethu. Ngi—ngiyanitshela, ibandla lalisesimweni esingcono eminyakeni engamashumi amane edlule ngokuFika kweNkosi kunoma linjalo kulobubusuku, ngoba siyibandla laseLawodikeya. Siyaqonda ukuthi lona ngunyaka esiphila kuwo. Futhi lelo kwakuyilona bandla kuphela uJesu atholakala ngaphandle kwebandla laKhe uQobo engqongqotha emnyango, ezama ukubuyela ebandleni laKhe uQobo.

74 Imehluko yethu iMxoshile, ukwehlukana kwethu kobuzalwane, nendlela esilandele ngayo izinto zezwe esikhundleni sezinto zikaNkulunkulu. Besifanele siyothi ngqu ezweni laseKhanani, futhi lapha sisehlane, sizulazula, futhi sizungeza futhi, njengoba nje benza emuva lapho. Sifanele sibe nazo zonke izinhlobo zeziphiwo, izibonakaliso nezimanga emabandleni ethu. Esikhundleni salokho, uNkulunkulu angavusa into ethize, bese kuthi-ke sonke siyakwesaba futhi sisuke sihambe, futhi sithi asiziqondi lezizinto.

75 Ucabanga ukuthi benzeni kulelohlane iminyaka engamashumi amane, behambahamba, futhi bezungeza phezu kwezinkundla ezindala ezifanayo na? Sithathe iZenzo 2:4, iZenzo 2:4, iZenzo 2:4; sikugijimisele ekufeni. Asiqhubeke! Izwe lesithembiso lilapho. "Ngokuba noma yini oyifisayo, lapho ukhuleka kholwa ukuthi uyakwemukela futhi uyakuba nakho." IZenzo 2:4 ziqinisile, kodwa akusikho konke okwakho. Kunjalo. Kukhona okuningi kwakho. Lokho ngukuthi . . . sonke isithembiso eBhayibhelini singesethu. Sinikezwe yiNkosi uJesu, nesandla saKhe esikhulu esinamandla sibambe isikhathi sethu ukuba sidle ifa lezwe esinikwe lona. Impela.

76 Izinkomfa. O, lapho izwe linenkomfa futhi bahlangana ndawonye, benzani na? Ngokuvamile banewiski notshwala obuxutshiwe, futhi baphuze, futhi baqambe amanga, futhi bakhohlise, futhi bakhohlisane, benze zonke izinhlobo zamacebo ehlukene kanjalonjalo, futhi benommese emva kwabo, njengoba iBhayibheli lathi bayokwenza.

77 Kodwa kwenzekani lapho uNkulunkulu enenkomfa na? Amadoda azile ukudla futhi akhuleke futhi alinde iziyalo, bese-ke enyakaza. Kade sikhuluma manje ngenkomfa yomhlaba, inkomfa kazwelonke. Ziningi ezazo ebesingacabanga ngazo, kodwa ake sicabange ngezinye izinkomfa uNkulunkulu aba nazo. Ake sikhumbule ezalezo.

78 Ake sicabange ngenkomfa yokuqala uNkulunkulu ake aba nayo ngenkathi kuvela isimo esiphuthumayo sokuqala. Sizoyibiza nge "Nkomfa yase-Edene." Leso kwakuyisimo esiphuthumayo sokuqala, ngenkathi izwi lenyukela eZulwini ukuthi indodana kaNkulunkulu nendodakazi yaKhe, Abantwana baKhe Abafaka e-Edene, babelahlekelwe yindawo yabo emseni, futhi babesukile kuNkulunkulu, futhi wayehlubukile futhi wahamba-ze. IZulu alibange lisaMbamba.

Wehlela emhlabeni, ehamba eya emuva naphambili edabula ensimini, ememeza, "Adamu, Adamu, ukuphi na?"

79 Umuntu ngempela wezwakalisa lokho ayenziwe ngakho ngaleso sikhathi. Esikhundleni sokuphumela kuNkulunkulu futhi uthi, "Nginephutha, Baba. Ngenze okungalungile," wazifihla futhi wazisonga ngamanye amaqabunga omkhiwane. Yilokho umuntu azama ukukwenza namhlanje. Esikhundleni sokuphuma futhi athi ungongakholwayo, uzozama ukuthi, "NgiyiPresbyterian, iBaptisti, iMethodisti, iLuthela," noma enye into. Esikhundleni sokuzisonga ekulungeni kukaNkulunkulu, futhi evuma izono zakhe ukuthi unephutha nongakholwa, uzama ukucasha emva kwenye isayense yezenkolo yebandla. Phuma emva kwakho, Adamu, wena ongakholwayo. Qaphelani, yilokho akwenzayo, nokho.

80 Futhi qaphelani, uNkulunkulu akazange athumele iNgelosi ezansi ukuthola umntwana waKhe; Ufika Yena uqobo. Lokho kwakungokwangempela . . . Isizathu sokuba ngicabange namhlanje, ukuthi namhlanje lapho bezama ngalolusuku lwenkolo yesimodeni, ngalolusuku lapho inkolo yezenhlalakahle ibusa izwe, ingena ngesinyelela kuwo onke amahlelo ehlukene . . . Bazama ukususa ubuNkulunkulu kuJesu Kristu futhi baMenze umuntu nje.

81 Esikhathini esingeside esedlule ngangikhuluma nowesifazane. Wathi, "Ngiyayithakasela imilayezo yakho, Mfowethu Branham, kodwa ubeka ingcindezi enkulu kakhulu kuJesu. Uqhosha kakhulu ngaye."

Ngathi, "Ukuba benginezilimi eziyizigidi eziyishumi, bengingeke ngiqhoshe ngokwenele ngaYe." Ngathi, "Ufanele konke ebengingaqhosha ngakho."

Wathi, "Awu, yinye into: uzama ukumenza abe ngonobuNkulunkulu."

Ngathi, "WayengonobuNkulunkulu."

"O," wathi, "wayengumuntu nje. Wayengumuntu olungileyo."

82 Abakholelwa eGazini laKhe elibuyisanayo. Lalelani, uma lelo bekuyigazi leJuda noma oweZizwe, sonke silahlekile. Lelo kwakuyiGazi likaNkulunkulu qobo lwaKhe. Wayengesuye umJuda noma oweZizwe: WayenguNkulunkulu ebonakaliswe enyameni. Kunjalo impela.

83 Kwenzekani na? Igazi livela ebulilini bowesilisa. Siyakwazi lokho. Isikhukhukazi singazalela iqanda, kodwa uma singazange sibe nenyoni yeduna, asisoze sachamusela. Akunanzalo. Ingane izalwa ngowesifazane; isongwe egazini lakhe owesifazane, kodwa akukho nelilodwa ichashaza legazi lakhe owesifazane. Umbala obomvu ezinhlayiyeni zegazi usebulilini bowesilisa. Ngakho singa . . .

84 Njengoba nje, sekuza intwasahlobo. Futhi siqaphela izinyoni ezindala ezingumama ziphuma lapha futhi zizenzele isidleke, zizibekele isidleke esigcwele amaqanda. Futhi angangena kulesosidleke futhi afukamele lawomaqanda aze ahlupheke kakhulu angakwazi ukundiza asuke esidlekeni, ehlonipha kakhulu, ehlonipheke kakhulu emaqandeni akhe. Uwaphendulela *ngapha* futhi awaphendulele *ngapho*. Ubulawa yindlala, kodwa uyesaba ukuthi uzo. . . azoba dengwane uma endiza esuka esidlekeni. Singumama othembekile futhi uzama ukufukamela lamaqanda. Kodwa uma lesosilisa. . . leyonyoni yesikazi ezalele iqanda, uma ingazange ibe nenyoni yeduna, umata, lawomaqanda, akunandaba ukuthi iwafukamela kangakanani, ukuthi iwaphatha kahle kanjani, ayobolela esidlekeni ngqo. Kunjalo impela.

85 Yileyo indaba ngenqwaba yamabandla akithi amadala, abandayo, agcina umthetho ngegama namhlanje, anesidleke esigcwele amaqanda abolile. Into kuphela abayiyo, ngoprofesa, futhi abakaze babe noMata, uJesu Kristu. Into kuphela okumele uyenze ngukuhlanza, bese uqala kabusha futhi nabesilisa nabesifazane okade esekuxhumaneni noMata, uJesu Kristu ebandleni laKhe.

86 Bangawakholwa kanjani amandla angaphezu kwemvelo kaNkulunkulu lapho bengenalutho abangakholwa ngalo na? Umama wami omdala, waseNingizimu, wangitshela, wathi, “S’thandwa, awukwazi ukuthola igazi kutheniphu, ngoba akukho-gazi kuwo.” Ungakuthola kanjani ukukholwa kumuntu ongenalutho lokuba nokukholwa na? Uma ungakaze uzalwe ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu, awuwazi umgomo wokuqala wamandla okuvuka kweNkosi yethu uJesu Kristu. Kunjalo. Abakuqondi. O, sinabo. Futhi bangababakhokhi abakhulu ebandleni, futhi sibenza abadikoni nakho konke okunye, futhi sibafukamele, futhi nje bangabangakholwayo kwasekuqaleni.

87 Manje, lokho kuqinisile kanjani, ukubona isikhathi sokuba nomata. UMata. . . Manje bekufanele kube yisikhathi sokuba nomata, lapho i—ibandla lithola ukuxhumana noKristu futhi lithola ukukholwa kwangoqobo kukaMoya oNgcwele.

88 Nalelinenekazi lathi kimi, lathi, “Mfowethu Branham, uthe wawungumsuka; ukhulume nje lokho okwashiwo ngumBhalo futhi wahlala nakho.”

Ngathi, “Ngiyakwenza.”

Wayesethi, “Ngingafakazisa kuwe ukuthi wayengesuye onobuNkulunkulu.”

89 Ngathi, “Uma Wayeyinoma yini engaphansi kukaNkulunkulu, Wayengumkhohlisi omkhulu kunabo bonke izwe elake laba naye.” Ngathi, “UMoya oNgcwele, uNkulunkulu, wasibekela intombi futhi wadala iNgqamuzana leGazi esizalweni. LeliNgqamuzana leGazi laliyiNdodana

kaNkulunkulu. NgaleloGazi sinokuthethelelwa kwesono. Owesilisa wayengazi lutho ngalowo wesifazane. Wathi, 'Angizange ngazi indoda.' Futhi lowo kwakunguNkulunkulu uqobo lwaKhe ehlezi etabernakele nomuntu: uNkulunkulu, qobo lwaKhe."

Wathi, "Futhi umenza abe ngonobuNkulunkulu."

Ngathi, "WayengonobuNkulunkulu."

Wathi, "Ngizokufakazisa ngeBhayibheli lakho uqobo ukuthi wayengesuye onobuNkulunkulu."

Ngathi, "Ake ngikuzwe ukusho."

90 Wathi, "KuJohane oNgcwele, isahluko 11, ngenkathi uJesu eya ethuneni likaLazaru, iBhayibheli lathi, 'Wakhala izinyembezi.' Futhi uma wayengonobuNkulunkulu, wayengeke akhale izinyembezi."

91 "O," ngathi, "nenekazi, lokho kuzace kunesobho elenziwe ngesithunzi senkukhu ebulawa yindlala." Ngathi, "Ungasekela kanjani noma iyiphi isayense yezenkolo kulokho na?" Ngathi, "Wayeyikho kokubili uMuntu noNkulunkulu."

92 "Akakho oke wabona uNkulunkulu noma ngasiphi isikhathi kodwa ozelwe yedwa kuYise uMbonakalisile. uNkulunkulu wayekuKristu enza ukuba izwe libuyisane naYe." Kunjalo impela.

93 Ngathi, "Kwakuyiqiniso, ngenkathi Ehlela ethuneni likaLazaru Wakhala izinyembezi njengomuntu; kodwa ngenkathi Ephakamisa lawomahlombe amancane, wabuka phandle lapho wayesethi, 'Lazaru, phuma,' futhi umuntu owayesefe izinsuku ezine wama ngezinyawo zakhe futhi waphila futhi, lowo wayengaphezu komuntu. Lowo kwakunguNkulunkulu ekhuluma ngeNdodana yaKhe. Kunjalo! KwakunguNkulunkulu kuYe. WayenguMuntu ngenkathi Ehla entabeni ngalobobusuku elambile, efuna okuthile angakudla ngasesihlahleni; WayenguMuntu ngenkathi Elambile, kodwa ngenkathi Ethatha amabheskidi amahlanu nezinhlanzi ezimbili futhi wapha abantu abayizinkulungwane ezinhlanu, lokho kwakungaphezu komuntu. Lowo kwakunguNkulunkulu Owayekwazi ukudala. Hhayi enye inhlanzi; kodwa inhlanzi ephekiwe, hhayi omunye futhi ukolo; kodwa isinkwa esibhakiwe. WayenguNkulunkulu uMdali."

94 WayenguMuntu elele phandle lapho kulelongemuva le... lesosikebhe ngalobobusuku ngenkathi odeveli befunga ukuthi babeyoMminzisa. Mhlawumbe odeveli abayizinkulungwane eziyishumi basolwandle bathi, "Simthole elele manje futhi singamminzisa." Isikebhe esincane siphoseka njengesivimbo sebhodlela esiphephweni phandle lapho. Bacabanga, "Simtholile manje." WayenguMuntu ngenkathi Elele, ekhathele futhi ekhandlekile ngenxa yenkonzo yaKhe, kodwa ngenkathi

Ebeka unyawo lwaKhe phezu kwentambo yokudonsa yesikebhe, wabheka phezulu wayesethi, "Thula du," nemimoya namagagasi kwaMlalela, lowo wayengaphezu komuntu.

95 Ngenkathi Efa esiphambanweni, Wakhala njengomuntu. "Nkulunkulu wami, yiba nomusa. Nkulunkulu waMi, Nkulunkulu waMi, UNgishiyeleni na?" WayenguMuntu ekufeni kwaKhe; kodwa ekuseni ngePhasika ngenkathi Ephula uphawu lokufa, isihogo, nethuna, futhi wavuka futhi . . .

96 O, kuphefumulele yonke imbongi noma umbhali wamaculo owake wabakhona. Noma yimuphi umuntu owake wafinyelela kwaze kwaba igquma likabhontshisi lakholwa ukuthi WayengonobuNkulunkulu. Yizimbongi eziphefumulelwe nabaprofethi kuyo yonke iminyaka. Oyedwa ophilayo . . . omunye wabhala inkondlo, washo lokhu:

> Lapho ngihlola isiphambano esimangalisayo
> Lapho eyafela khona iNkosi yeNkazimulo,
> Ngibala lonke udumo lwami njengokulahlekelwa.

97 U-Eddie Perronet wathi:

> Nonke dumisani amandla eGama likaJesu!
> IziNgelosi maziwe phansi;
> Ziveze umqhele wobukhosi
> ZiMthwese umqhele iNkosi yakho konke.

98 Omunye, uFanny Crosby oyimpumputhe wathi:

> Ungangedluli, O Msindisi omnene,
> Yizwa ukukhala kwami okuthobekile;
> Ngenkathi Ubiza abanye,
> Ungangedluli.
>
> Wena unguMfudlana wayo yonke induduzo yami,
> Ngaphezu kokuphila kimi,
> Ngubani enginaye emhlabeni ngaphandle kwaKho na?
> Noma ubani eZulwini ngaphandle kwaKho na?

99 Omunye, uClaire, wabhala lokhu:

> Ephila, Wangithanda; efa, Wangisindisa;
> Embelwa, Wathwala izono zami waziyisa kude le;
> Evuka, Walungisisa ngesihle phakade:
> Ngolunye usuku Uyeza—o usuku olukhazimulayo!

Noma yimuphi umuntu ubeyokholwa ukuthi WayengonobuNkulunkulu. Impela.

100 O, ngenkathi uNkulunkulu enenkomfa e-Edene, indodana yaKhe yalahleka, abantwana baKhe walahleka.

Yingalesosizathu Engazange ethembe ukuhlengwa kunoma yiyiphi iNgelosi nanoma yini enye ngaphandle kwaKhe uqobo. Sahlengwa ngeGazi likaNkulunkulu. Futhi manje leloNgqamuzana leGazi, yilokho okusinika isibindi sokuma eZwini laKhe. Yilokho okusinika isibindi sokuhamba ebusweni bamademoni nokuphikisa, ngoba siyazi ukuthi siza simbozwe ngeGazi leNkosi uJesu, okungamandla obuNkulunkulu eGazini likaJesu.

101 Manje, Mbhekisiseni. Sibona lenkomfa, uNkulunkulu eza edabula ensimini yase-Edene. Kukhona okufanele kwenziwe; kukhona okuphuthumayo okukhona. Abantwana bakhe balahlekile; akazi ukuthi uzokwenzenjani. Wehlela ensimini, uqala ukubazingela. Ngenkathi Ebathola emuva phakathi lapho, becashe emva kohlobo oluthile lwesivumokholo esenziwe ngumuntu, Wenzani na? Wakhetha isihlahla esithize wayesebabizela ngaphandle. Futhi Wayenenkomfa, futhi kwabakhona isinqumo esenziwayo: ukuthi lowomuntu ufanele ahlengwe kanjani. Nomuntu ubesebenza emaqabungeni omkhiwane kusukela lapho; kodwa uNkulunkulu akakaze aqonde lutho kodwa igazi Aqala ngalo ekuqaleni.

102 Wonke owesilisa nowesifazane kusukela phansi onyakeni, wonke umprofethi, wonke umuntu, ubelokhu ehamba phezu kwalezozimiso. UJobe wama waqina kukho. Indawo kuphela yokuhlangana ka-Israyeli yayingaphansi kwegazi elichithiwe. Indawo kuphela iNkazimulo yeShekina eyawela kuyo kwakungaphansi kwegazi elichithiwe. Indawo kuphela lapho iNkazimulo yeShekina izofika khona. . .Ungangivumeli ngikulimaze imizwa yakho, iBaptisti, iPresbyterian. Kodwa indawo kuphela iNkazimulo yeShekina ewela kuyo ingaphansi kweGazi. Yingalesosizathu uzwa leNkazimulo yePentecostal yeShekina yingoba ingaphansi kweGazi, kweGazi elichithiweyo leNdodana kaNkulunkulu. Ebuyela eNkazimulweni yeShekina, ngenkathi Ethatha iGazi laKhe uQobo futhi wadabula iveli laba kabili, futhi singena eBukhoneni bukaNkulunkulu, iNkazimulo yeShekina, lapho izibusiso zaKhe. . .O, kwenza amadoda amasha kwawasendulo.

103 U-Aroni washiya induku yakhe lapho ngomunye unyaka futhi iza ekuqhakazeni futhi yaqhakaza ngenkathi yayisebukhoneni beNkazimulo yeShekina. Noma yimuphi umuntu olele eBukhoneni beNkazimulo yeShekina kaNkulunkulu, uzothatha isoni esidala esifile, efile esonweni naseziphambukweni, futhi asiqhakazise sibe yisidalwa esisha kuKristu Jesu.

104 Inkomfa, inkomfa, uNkulunkulu wenza isinqumo saKhe. Yilokho ebesingakubiza ngeNkomfa yase-Edene. Niyazi, lesisikhathi sedlula ngokushesha kakhulu. Niyabo, awuqali ngisho nokuqala uze. . .sekuyisikhathi sokuma. INkazimulo yaseShekina eNkomfeni yase-Edene.

105 Manje, kwakukhona enye inkomfa. Ake sibhekisele kwezimbili noma ezinye ezintathu ngokushesha impela, uma nithanda. Kwakukhona enye inkomfa. Asiyibize nge "Nkomfa Yesihlasha Esivuthayo." Kwakukhona indoda eyabaleka ngesinye isikhathi, umprofethi obalekayo uNkulunkulu ayenaye. Waphuma futhi wamganisela unkosikazi, futhi wayenomfana omncane ogama linguGereshomu. Igama lakhe kwakunguMose. Ngakho wayezodla ifa layo yonke imihlambi kaJethro, futhi yayenza kahle impela, njengoba wayengaphansi kwentaba ngokunye ukusa. O, wayesekhohliwe ngemithwalo yabantu ezansi eGibhithe, ngoba wayeselungiswe kahle impela.

106 Ngicabanga ukuthi nje kuthi akube yindlela ibandla lePentecostal elithole ngayo, lakhohlwa ngemithwalo yalezozoni. Lelo akusilo ibandla lePentecostal kuphela, kodwa iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian. Esikhundleni sokubabuyisela kuNkulunkulu . . . Futhi noma yimuphi umuntu, angikhathali ukuthi ungumuphi usiyazi wezenkolo, noma ungowaliphi ibandla . . . Kwakukhona ibandla elilodwa, futhi yonke inkolo yobuKristu yaqala ngosuku lwePhentekoste ngesehlakalo sePhentekoste. Ibandla eliKatolika lathi kwakuyibo. Wonke umuntu uzama ukubhekisela emuva kulokho, kodwa uma kwakuyibo, kungani kungabi inkazimulo efanayo nezibonakaliso ezifanayo zilandela lelobandla elalikhona ngaleyonkathi na? Impela.

107 Manje, kwakukhona inkomfa. UNkulunkulu ubone umprofethi waKhe obalekayo; futhi lapho uNkulunkulu ekhetha umuntu ukuba enze into, ayikho indlela kuye ukuba asuke kuyo. UNkulunkulu uyamzingela. Mhlawumbe abanye benu lapha kulobubusuku, umhlubuki, uzoba lusizi zonke izinsuku zokuphila kwakho (futhi ubufanele ube njalo) uze uzinikele kuNkulunkulu. Wayelapho-ke.

108 Abanye benu besifazane, abanye benu besilisa, ubuyela emuva ezweni, uya emidansweni nezinto enazifundiswa kangcono. Namhlanje kuyihlazo lokho amabandla ethu ePentecostal afike kukho. Njengoba uDavid duPlessis washo esikhathini esithile esedlule, lapho esasifike khona. Niyazi thina bandla lePentecostal sifana nje nebandla lethu leMethodisti esisezindlini zabo kulobubusuku; njengebandla leBaptisti, iPresbyterian. Uma inkolo yobuMethodisti ibingabuyela ekufundiseni kukaJohn Wesley, bekungaba kuhle. Impela. Uma amaBaptisti abengabuyela kuJohn Smith, iLuthela belizobuyela kuMartin Luther, futhi uma iPentecost ibingabuyela ePhentekhoste, kunjalo, bekungalunga.

109 Kwaqala kahle, kodwa into yakho ngukuthi sithola abazukulu. UNkulunkulu akanabazukulu. Akanamadodana abangabazukulu; Unamadodana nje. Singenisa abantwana bethu bese sibafaka ohlwini lwamagama ezingane e, njengamaMethodisti namaBaptisti nabo bonke. Bangena

ebandleni, futhi sibangenisa njengePentecostal; futhi bengazi lutho ngoNkulunkulu kunoma unogwaja wazi ngezicathulo zaseqhweni. Esikudingayo namhlanje ngukubuyela esehlakalweni sikaNkulunkulu, futhi sibuye noMoya oNgcwele futhi. Kunjalo.

110 Manje, ngiyaxolisa ngalesosisho. Kuzwakala kungukuthuka okungcwele. Bengingaqondile ukukusho kanjalo nje. Kodwa lelo yiqiniso. Kunjalo. Sifanele sibuyele e. . . UNkulunkulu akanabo abazukulu. Unamadodana, kodwa hhayi amadodana angabazukulu. Akukho ndawo eBhayibhelini lapho uNkulunkulu wayenendodana engumzukulu. Wonke umuntu ufanele afike futhi akhokhe inani elifanayo, ufanele eze ngendlela efanayo. UNkulunkulu uneNdlela eyodwa kuphela, futhi leyo nguJesu, futhi ufanele uze ngaleyoNdlela. Ngaphandle kwalokho, ayikho indlela yokufika kuYe.

111 Manje, sithola ukuthi uMose wayenelisekile impela. Yonke into yayihamba kahle, futhi wayelahlekelwe yiwo wonke umthwalo wabantu owayesezansi lapho ebugqilini. Futhi ngoluny'usuku uNkulunkulu wanquma ukuthi Wayezombiza. Futhi ngakho Wakhetha indawo, isihlahla esithize.

112 Futhi lapho uNkulunkulu ehla khona kukhona, ngandlela thize noma enye, kuhlala njalo kunenqwaba yoMlilo lapho uNkulunkulu ekhona. Uma ungalapho uNkulunkulu ekhona, kunenqwaba yomsindo nenqwaba yoMlilo. Angazi ukuthi kungani, kodwa bekuhlala njalo kungaleyondlela. Lokho kungokomBhalo. Yebo, mnumzane, kuhlale kuyinqwaba yoMlilo. Futhi kuthatha uMlilo ukuhambisa ibandla noma kanjani. Awusoze wakwenza. Awusoze wabagqokisa amaqabunga omkhiwane. Awusoze wabagqokisa amaqabunga omkhiwane ePentecostal. Bafanele babuyele eMlilweni. Kunjalo.

113 Ngesinye isikhathi umfowethu nami, ngenkathi sisengabafanyana, sasihamba futhi sabona ufudu lwasolwandle. Sacabanga ukuthi isidalwa esibukeka sihlekisa ukwedlula zonke engake ngazibona, indlela olwaluziphosa ngayo lezo zinyawo. Nina bantu base-Illinois niyazi ukuthi ziyini izimfudu. Futhi nantu luhamba luza. Ngathi, "Alubukeki luxakile, mfowethu na?" Sahamba senyuka.

114 Kungibeka nje emqondweni wabantu abaningi, lapho ubanyathela ngevangeli, niyazi. Bathi, "Shu," babuyela emuva egoqweni labo, niyazi. "Ngingu*S'bani-bani*. Ngingowalenhlangano." Lokho akuhlangene ngalutho nakho. Kunjalo. "Ngingoka*S'bani-bani*." Awu, ngingaba namahloni ukukuvuma. Ngiqonde ukuthi kungahle kubekhona intethelelo ngakho uma uzama kanzima ngempela ukuphenduka. Ungahle uthethelelwe ngakho.

115 UNkulunkulu akaqondi-nhlangano. Uqonda iGazi leNdodana yaKhe uQobo, uJesu Kristu. Futhi yilokho kuphela.

"Nxa Ngibona iGazi Ngodlula kini." Yebo.

116 Lomfana nami ngangisemuva lapho, nalolufudu oludala. Ngathi, "Uyazi ukuthi ngizokwenzani, S'thandwa na? Ngizolwenza luphume lapho." Ngahamba ngase ngizitholela iswishi ngase ngiluthela ngayo. Akusizanga nakanci. Ungeke uzishaye zingene kulo. Yilokho kuphela okukhona kukho. Awusoze wababuyisa ngokubashaya. Kunjalo. Kade ngikuzama iminyaka eyishumi futhi angikwazi ukukwenza. Ungeke nje wabashaya babuyele kukho.

117 Ngakho ngathi, "Ngizokutshela ukuthi ngizokwenzani. Ngizolulungisa." Kwakukhona igatsha elaligijima ngalapho, ngakho-ke ngehla futhi ngalucindezela phansi emanzini. Amagwebu ambalwa nje aqubukayo futhi yilokho kuphela okwakukhona. Mfowethu, ungazibhaphathiza zibheke phambili, emuva, kathathu, kahlanu, futhi akusizi ngalutho; amagwebu ambalwa nje aqubukayo futhi yilokho kuphela okusele. Kunjalo. Noma, "Akabusiswe uNkulunkulu, nginitshelile ukuthi ngiyokwenza," ubufakazi. Kuthi akube yilokho kuphela okukhona kukho.

118 Niyazi ukuthi ekugcineni ngaluhambisa kanjani na? Ngazibasela umlilo omncane ngase ngibeka umfana omdala phezu kwawo. Lwanyakaza-ke. E-hhe. Okudingwa yibandla ngomunye uMlilo wePentecostal; uMoya oNgcwele wenza ibandla lihambe libuyele emuva lingene emahhanisini kaNkulunkulu; libuyele emahhanisini.

119 UNkulunkulu akakhathali ukuthi ungowayiphi inhlangano. Umelene nazo zonke empeleni, ngakho lapho . . . Awu, lelo yiqiniso. Ngingakufakazisa lokho ngomBhalo. IKatolika laba yinhlangano yokuqala, okwakuyisifebe futhi laba namadodakazi. Manje, ungenza indlela yakho . . .

120 Noma ubani owake wafunda i *The Nicene Council, The Pre-Nicene Fathers*, noma yini na? Uzobona lapho kufika khona kuqala kwakuyiNikolawu ukuthi uNkulunkulu wasizonda isenzo. Khona-ke into yokuqala uyazi iba yimfundiso. Kwakuyini na? *Nikao* nguku "nqoba," abantu *abangafundele lutho*, "wabantu abangafundele lutho," futhi banqobe abantu abangafundele lutho. Beka ubungcwele emsamo futhi uvumele abantu abangafundele lutho bakukhokhele. Ngakho nakho lapho okhona. Ngakho yilokho impela nje. Ngakho sonke silandela ezinyathelweni ezifanayo futhi sibuyele ngqo ebumnyameni futhi ngamandla ethu onke.

121 Ngangivame ukwelusa izinkomo. Ngasukuma lapho ngesinye isikhathi. IHereford Association idlisa e—eTroublesome River Valley, futhi uma ungakhulisa ithani lefolishi epulazini lakho ungabeka inkomazi edlelweni. Bese kuthi-ke, amathani amaningi ngangokunokwenzeka ongawakhulisa, yizinkomo ezingako idlelo lakho—lakho

elizozikhiqiza. Bazibeka uphawu bese bezibeka phezulu lapho. Babenothango lokushushumbisa, ngakho azikwazanga ukushushumba zibuyele empahleni yomuntu siqu, lapho behla bevela entabeni. Ngangivame ukuhlala lapho nomqaphi izikhathi eziningi ngosuku, umlenze wami uzungeze uphondo lwesihlalo sehhashi, ngizibhekisisa ngenkathi zedlula.

122 Futhi lowomqaphi oyoma lapho. Lapho . . . Awu, okwethu kwakuyiTurkey Track, nekamakhelwane kwakuyiTripod, iDiamond Bar, neGrimes eceleni kwethu; nakho konke phansi naphezulu lapho, zonke izinhlobo ezehlukene zezimpawu zedlula lapho. Kodwa niyazi ukuthini? Lowomqaphi akazange alunake uphawu. Mhlawumbe wayengalugqolozela futhi aqalaze, kodwa lokho kwakungesikho. Akazange aluqaphele uphawu, kodwa ngempela wahlola icici legazi. Kwakungekho nkomazi eyayingaya kulelodlelo ngaphandle uma yayiyiHereford ebhalisiwe.

123 Yileyondlela okuyoba ngayo eNkantolo yokwaHlulelwa. Angeke akubuze ukuthi ngabe ungoweChurch of God, i-Assemblies of God, noma iPentecostal Holiness, noma ngabe uyi-Oneness, iTwoness, iThreeness, iFourness, iFiveness, kumbe noma ngabe uyini. Uyobheka icici leGazi. Futhi yilokho okuzokungenisa, kuzoba yiGazi. "Nxa Ngibona iGazi, Ngodlula kuwe." Kunjalo impela, bazalwane, niyabo. Kunjalo.

124 Ngakho ukubuyela emuva, manje, sithola ukuthi kwakukhona inkomfa. Babekhohlwe yikho konke nge . . . Bane . . . UMose wangena ezivumwenikholo zakhe phandle lapho futhi wakhohlwa umthwalo. Kodwa uNkulunkulu wakhetha indawo futhi Waba nenkomfa. Futhi Wabiza uMose. "Khumula izicathulo zakho Mose, usemhlabathini ongcwele. Ngikuzwile ukukhala kwabantu baMi. Ngizikhumbulile izithembiso zaMi eNgazenza ku-Abrahama, futhi Ngizokuthumela ezansi ukuba ubakhulule."

125 Manje, uMose wazi ukuthi leloPhimbo lalinguNkulunkulu, ngoba kwakungokomBhalo. Manje, noma ubani o—odlulayo futhi abone iphimbo, futhi uma li . . . bona . . . akusilo iphimbo langokomBhalo, liyeke kanjalo; uma iBhayibheli lisho njalo, khona-ke Likholweni, ngoba LiyiPhimbo langokomBhalo. Abantu bethi "izingelosi" kanjalonjalo, uJoseph Smith uyibonile eyodwa. Ngiyahluka kuJoseph Smith, ngoba kwakungesikho ngokomBhalo, kodwa angisho ukuthi indoda ayikaze iyibone ingelosi. Angifanele ngiphikisane nezwi lomuntu. Kube nezingelosi eziningi, kanjalonjalo, zibona. Kodwa uma noma yiyiphi ingelosi . . . uPawulu wathi, kwabaseGalathiya 1:8, "Uma ingelosi evela eZulwini ifika, yashumayela noma yiliphi elinye ivangeli kunalelo esengivele ngilishumayele kini, mayibe ngeqalekisiweyo." Kunjalo. Hlala neZwi; neZwi ngqo; nalokho iZwi elikushoyo, hlala nakho ngqo. Ungasuki lapho.

126 Futhi uMose wabona ukuthi inkomfa ayeyibambe noNkulunkulu, noma uNkulunkulu ayeyibambe naye, kwakungokomBhalo impela, ngoba uNkulunkulu wenza isithembiso futhi Wathi Uyobakhulula. Futhi uNkulunkulu wathi, "Ngakukhetha, Mose, futhi uyehla ukuyokwenza." UMose wehlela ngqo eGibhithe futhi wenza izimangaliso uNkulunkulu amtshela zona. Asinaso isikhathi sokungena kukho njengoba bengingathanda, kodwa niyaqonda.

127 Ngenkathi ebuya ephuma, ekhipha abantwana bakwa-Israyeli beya ezweni lesithembiso, khona impela endleleni yezinyawo yomsebenzi wabeka uLwandle oluBomvu. Kuyaxaka ukuthi uNkulunkulu uzobaholela kanjani abantwana baKhe ngqo ezicuphweni; ngezinye izikhathi izihlalo ezinamasondo, ngezinye izikhathi nokuhlaselwa yinhliziyo, ngezinye izikhathi Uhola abantwana baKhe. . . Ngani na? Ukubona ukuthi bazokwenzani, bona ukuthi kanjani. . . bona ukuthi ukusabela okunjani abazoba nakho emnyakazweni, ubone ukuthi bazokwenzani.

128 Yonke indodana eza kuNkulunkulu ifanele ihlolwe, ivivinywe. ETestamenteni eLidala indodana yayizalwa emndenini, kodwa ya—yayifanele ifundiswe futhi ikhuliswe futhi ivivinywe. Futhi khona-ke yabekwa njengendodana, noma ukwenziwa indodana, yafakwa emzimbeni, noma e. . . Bese kuthi-ke lapho isibekiwe, ike yabekwa, khona-ke igama layo lalikahle nje eshekeni njengoba elikayise lalinjalo. Yayiyindlalifa yazo zonke izinto. Yilapho uNkulunkulu eletha khona ibandla laKhe, ebanika izivivinyo.

129 Nakho kulele uLwandle oluBomvu ngqo endleleni yomsebenzi. Yini ababengayenza na? Manje, kwakubukeka sengathi yonke imvelo yayibakhalela. Kwakukhona impi kaFaro iza, izinqola. Lapha kwakuyizintaba ngapha nangapha. ULwandle oluBomvu lwalubavalele. Kwakubukeka sengathi kwakuyi. . . kwakubukeka sengathi imvelo yayiyodazuluka, naleyompi enkulu yabantu abayizigidi ezimbili nengxenye ezansi lapho kulesosigodi, bengenakuzisiza, kungekho zinkemba, kungekho lutho lokulwa ngalo. Ngakho kwenzekani na? Kwabakhona isimo esiphuthumayo esenzekayo, noMose wakhetha idwala elithile wayesengena emva kwalo wayesebiza inkomfa. Ngiyakuthanda lokho. "Ngifanele ngenzenjani, Nkosi na?"

130 Bekungeke yini kube kuhle ukuba onke amabandla abengabiza inkomfa khona manje na? Lapho sibona indlela izinto ezihamba ngayo, uma besingeke sibize inkomfa, futhi siqonde futhi sibuyele emuva futhi sithole ukuthi hlobo luni lwebandla uNkulunkulu ayenalo ekuqaleni na? Sibize inkomfa futhi sizindle ndawonye na? Niyabona ukuthi ibandla lokuqala lenzani, ukuthi hlobo luni lukaMoya olwalukubo, nokuthi hlobo luni lwezibonakaliso ezabalandela, hlobo luni lwenkonzo

ababenalo, nhloboni yabantu ababeyiyo na? Bekungeke yini kumangalise uma besingenza lokho na? Bekungaba yinto emangalisayo!

131 UMose wakwenza lokho. Wahuquzela ngale emva kwedwala ndawondawo, wayesethi, "Nkosi, ngingenzenjani na? Nampa lababantu. Ngiqonde ngqo emgqeni womsebenzi. Ngenze khona impela Owangitshela ukuba ngikwenze. Futhi nakhu ngenyuka ngqo ngimelana nalokhu."

132 Mhlawumbe uhlezi lapha kulobubusuku, umama omdala, okhulise isigejane sabantwana. Ubakhulisa kakhulu njengoSusanna Wesley. Wayenabantwana abayishumi nesikhombisa, nokho wayengathola amahora amathathu ngosuku ukuba akhuleke futhi abaholele kuNkulunkulu. Yingalesosizathu wayenoCharles noJohn. Namuhla sicindezela inkinobho, sigeza izitsha; sicindezela inkinobho, siwashe izingubo; futhi singabinasikhathi salutho. Niyabo, kukhona okungalungile ndawo ndawo; manje, o udeveli angabenza kanjani abantu.

133 Qaphelani, kodwa manje babenalenkomfa, noMose wabuza kuNkulunkulu. Walinda lapho waze wathola iziyalo, njengoba kwenza u-Adamu. Walinda kwaze kwabakhona iziyalo ukuthi akenzeni. UMose walinda waze wathola iziyalo njengoba enza phezulu lapho. "Ini. . .? Ngizobakhulula kanjani na? Ngingenzenjani na?"

"Yehla bese ubatshela ukuthi, NGIKUthumile." Kwakuyilokho-ke.

134 Manje, lapha uqonde nje emgqeni wenqubo futhi, khona impela emgqeni womsebenzi, nesitha siyakhuphuka. Mhlawumbe ukhuphukele kuwe, mhlawumbe kuwe, mhlawumbe kuwe, wena, wena, ndawo zonke lapha. Inkathazo yenhliziyo; izifo; izinhlupheko emzimbeni wakho; ungenzani na? Ukhulekile na? Ngabe konke kuhamba kahle na? Manje-ke asibe nenkomfa. Amen! Ake sithole ukuthi senzeni.

135 Wena uthi, "Mfowethu Branham, ngizamile ukuthola uMoya oNgcwele. Ngimfunile uNkulunkulu, ngimfunile uNkulunkulu, futhi angikwazi ukuthola uMoya oNgcwele."

136 Asibe nenkomfa-ke futhi sithole ukuthi yini engalungile. UMoya oNgcwele unguMambuli wezimfihlo zenhliziyo. IBhayibheli lasho njalo. Ake sithole ukuthi yini engalungile. Ake sibone ukuthi yisiphi isizathu sokuba ungawemukeli uMoya oNgcwele. Thola ukuthi yini engalungile. Asibe nenkomfa.

UMose wayenenkomfa, futhi walinda waze wathola iziyalo.

137 Ngimelene nenqwaba yalokhu lapha ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu okukhulu kakhulu abanakho ezweni namhlanje. Ningahle ningangithandi emva kwalokhu kuphawula, kodwa kungukuthi, ngizokusho noma kanjani.

Banezinto eziningi kakhulu ezimangalisayo. "O, ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, wonke umuntu, into kuphela ofanele uyenze ngu (Haleluya!), ngukuthi babeke izandla zabo phezu kwakho, udumo kuNkulunkulu!" Lokho akunjalo. Phendukani, futhi nilungisane noNkulunkulu! Yilokho esikudingayo: ukuphenduka okuningi.

138 Ngafunda incwadi evela ebandleni lamaLuthela esikhathini esingeside esedlule. Ngingasho lokhu okuncomayo, uNkulunkulu uyakwazi lokho enhliziyweni yami, phezu kwaleliBhayibheli. Wayedabula ngempela omunye walabobavangeli babe yizicucu mayelana neminye yemibono yabo emangalisa kakhulu yokuphulukisa. Wathi, "Kuthiwani ngoDeborah Stadsklev omncane, ngenkathi umama egibela ngapha futhi wayemi lapho ngenkathi . . . "

139 Leyongane encane yayikade . . . yafa ngalobobusuku, futhi lena kwakuyintambama elandelayo. Ifile, udokotela wayimemezela ukuthi ifile nayo yonke into; ibanda futhi igogobele. Ngayibeka ngale ezingalweni zami ngase ngiyikhulekela. Ingane yathola, iyakhala; ngayibuyisela ezingalweni zikanina. Lomama wayemi lapho ukubona lokho. Wabhala ngenkathi ingane yakhe encane igula eJalimane, uNkk. Stadsklev, uKapteni Julius Stadsklev, ungumngani kaBilly Graham, omunye wabahambisana nami emhlanganweni, wabhala leyoncwadi eniyithola lapha manje, *UMprofethi Uvakashela I-Afrika*. Futhi manje . . . futhi wayekhona ngenkathi iNgelosi yeNkosi ifika futhi bathatha isithombe saYo, leyoNsika yoMlilo eyehla, ingena emihlanganweni. Wathatha isithombe salokho: wakubona konke.

140 Futhi ngakho u . . . ngenkathi ingane yakhe ifa, lowomama omncane wayengeke abe nokuthula. Washaya ucingo eseJalimane, nezinkampani zezindiza ijeti zoMbutho wasemoyeni waseMelika wawuzongiyisa ngendiza ngaleya ngiye eJalimane. Ngathi, "Lengane ingavuswa futhi."

141 Ngathi, "Ake ngibone ukuthi iNkosi ithini." Futhi ngalinda, futhi ngalinda. Izinsuku ezimbili zedlula. Udokotela wayekahle kakhulu. Abazange ngisho . . . babenabo laphaya bedazuluka phezu kwengane, futhi bempongoloza futhi beqhubeka kanjalo, nayo yonke into, kodwa akukho-kuphila. Ngalinda.

142 Ngokunye ukusa uMoya oNgcwele wangivusa wawusuthi, "Ungakuthinti lokho, ungakukhuzi lokho. Leso yisandla seNkosi." Futhi ngabathumela izwi emuva.

143 Lowomfundisi waseLuthela wathi, "Awulindanga ngani *kanjalo* uze uthole isinqumo esingunqamla-juqu esivela kuNkulunkulu na?" Khona-ke uyazi ukuthi umi kuphi. Linda uze ube no ISHO KANJE INKOSI, khona-ke uyazi ukuthi ukuphi.

144 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . izinwele . . . Kukhona okungahambanga kahle ndawo ndawo. Kukhona okuhambile . . . Impela bayakwenza manje. Bathi ngukuphathwa yikhanda. Awu, mfowethu, bekungafanele kubekhona ukuphathwa yikhanda ezweni khona-ke. Ya, yebo, mnumzane. Kukhona okungalungile ndawo ndawo.

145 Futhi kwakuvamise ukuba yiphutha kwabesifazane bePentecostal . . . Angikaze ngibe semnyakazweni wePentecostal kodwa kancanyana nje, kodwa nje ngiyawubona ukhula kancane uphela, ukhula uphela, uba . . . Nibuka ithelevishini eningi kakhulu, izinto eziningi kakhulu ebeningafanele niyibuke; esikhundleni sokuba nemihlangano yomkhuleko nokubuyela ebandleni likaNkulunkulu, lobobusuku bemikhuleko njengoba babenayo. Akumangalisi singeke saba nemvuselelo.

146 UNkulunkulu wayengathumela u-Oral Roberts, uTommy Hicks, futhi *lokho*, ezweni lonke, futhi noma kunjalo asinalutho esingakhela kulo, size sibuyele emvuselelweni kaPawulu oNgcwele yakudala futhi sivuselele uMoya oNgcwele ubuyele ebandleni futhi. Abadikoni ebandleni bashada kane noma kahlanu nalo lonke loluhlobo lwezinto, kanti niyazi ukuthi lokho akusilo iBhayibheli. Amen.

147 Ngathi kwelinye inenekazi ngolunye usuku . . . Lathi, "Ngiyakutshela, angizigqoki lezozikhindi ezincane." Lathi, "Ngigqoka amabhulukwe amasleksi."

148 Ngathi, "Lokho kubi kakhulu." Kunjalo. Yebo, lu . . . Kunjalo! IBhayibheli lathi kuyisinengiso ukuba owesifazane agqoke ingubo engeyowesilisa. Lokho ukungcola. Yebo. Omunye wesifazane wathi abasazenzi izingubo zokugqoka. Basayenza imishini yokuthunga futhi ungathenga izimpahla. Akukho-zaba. Okudingayo umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Isitayela abasiqalayo siyinhlekisa. Amen. Ni—nicabanga ukuthi ngisangene, kodwa anginjalo. Ngiyazi khona lapho engikhona. A-hha. Kunjalo. Ya.

149 Gqoka kanjalo bese ungena emgwaqeni. Ungahle ube nobumsulwa kumyeni wakho ngakho konke ongakwenza, ungahle ube msulwa njengendodakazi esithandweni sakho njengoba ubungaba njalo, kodwa ngoSuku lokwaHlulelwa uyophendula ngokuphinga. Uzoba necala lokuphinga. UJesu wathi, "Yilowo nalowo obuka owesifazane amkhanuke usephingile naye enhliziyweni yakhe." Waziveza wena ngaleyondlela nesoni sakubuka. Lapho ephendula ngokuphinga, ubani onecala na? Wena, ngokuziveza kanjalo. Amen.

150 Manje, lelo yiqiniso. Ningangithukutheleli. Lelo yiZwi leNkosi. O, esikudingayo yinkomfa ePhentekoste. Yebo, mnumzane. Kunjalo impela, emuva enkomfeni yePentecostal.

151 Sithola ukuthi uMose wama lapho uNkulunkulu waze wamnika iziyalo. Futhi ngenkathi ephuma emva kwalelodwala, ngiyambona ethi, "Asiye phambili."

Abanye babo bathi, "Phambili kukuphi na?"

152 "Qhubeka nje uhamba, yilokho kuphela." Ngenkathi unyawo lwakhe lushaya amanzi, uLwandle oluBomvu lwahlehla nomhlaba owomile wavela ngaphesheya. Futhi wahamba wanqamula emhlabathini owomile, ngoba wayenenkomfa noNkulunkulu.

153 O, ziningi izinkomfa ebesingakhuluma ngazo. Kwakukhona inkomfa ye—yesithando somlilo, kwakukhona inkomfa emphandwini wezingonyama. Sibe nezinkomfa eziningi.

154 Asingene kwenye. Ibizwa nge "Nkomfa yaseGetsemane." Kwakukhona inkomfa embi kabi. Wayengadingeki ukuba afe eseyiNsizwa. Wayengadingekile ukuba akwenze. Kodwa ngenkathi Ebone isintu esilahlekile esimweni saso, wathi, "Kungabi yintando yaMi kodwa mayenziwe eyaKho." IziNgelosi ziyafika futhi zaMkhonza. Yilokho . . .

155 Khona-ke emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka, kwakufanele kube nenye inkomfa: ukuthi ibandla lamaKristu lifanele liphathwe kanjani. A-hha. Noma ngabe lifanele liphathwe ababhishobhi, noma ngabe kufanele liphathwe ngophapha, noma kufanele liphathwe kanjani. Ngakho uJesu wabatshela kuLuka 24:49, "Lindani nje phezulu lapho emzini waseJerusalema. Ngenyuka ukuba ngibe nenkomfa noBaba. Ngizonithumelela iZwi ezansi emva kwesikhashana, kodwa lindani lapho nize ni . . . Ngizonitshela ukuthi liphathwe kanjani." Noma ngabe uPetru uzoba nguphapha wokuqala noma qha, a-hha, a-hha, noma ngabe sizoba nababhishobhi nababhishobhi abakhulu namagosa esigodi nakho konke okunye.

"Sizokwenza kanjani na? Sizolinda futhi sithole."

156 Futhi babenalokho abakubiza nge "Nkomfa yePhentekoste." Bakhwela lezozitebhisi ezincane zangaphandle phezulu, base benyukela ekamelweni eliphezulu lapho abantu abayikhulu namashumi amabili babebuthene khona; ikhandlela elincane likagrisi livutha. Abazange badle futhi baphuze izinsuku eziyishumi, belindile. Iyini imiphumela yenkomfa na? Kwakungende impela. Futhi babenezinsuku eziyishumi belindile, futhi emva kwesikhashana imiphumela yafika. E-hhe, e-hhe. O, yebo.

157 Kwakungekho-mpristi owenyuka ngomgwaqo nokhololo wakhe uphendukezelwe wayesethi, "Manje, sizothatha isidlo sokuqala. Khotha ulimi lwakho futhi ngizokunika isinkwa esilucwecwana, futhi ngizophuza iwayini." Bekungeke yini lokho kube . . . ?

158 Kanjalo kwakungekho mshumayeli okhuphuka ngomgwaqo wayesethi, "Siphe isandla sokunene senhlanganyelo. Sizofaka igama lakho encwadini futhi sikuvivinye izinyanga eziyisithupha ngokuvivinywa." Qhabo. Leyo yizinkomfa zomuntu. Yileyondlela abenza ngayo emikhandlwini nenkomfa.

159 Kwenzekani na? Ngenkathi kufika ukubuya kwenkomfa, bonke babesendaweni eyodwa nokuvumelana kunye, futhi ngokungazelelwe kwavela eZulwini inhlokomo kwangathi eyokuvunguza komoya onamandla, futhi kwagcwalisa lonke igumbi lapho ababehlezi khona. Izilimi ezehlukene zahlala phezu kwabo njengomlilo, futhi bonke bagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, base beqala ukukhuluma ngezinye izilimi njengalokho uMoya wabapha ukuphumisela. Lokho kwakuyimiphumela evela ekomkhulu likawonkewonke. UMoya oNgcwele wawuzohola ibandla, hhayi izimfundiso ezingaphikiswa ezenziwe ngumuntu, kodwa uMoya oNgcwele. Leyo kwakuyiNkomfa yePhentekoste.

160 Futhi ngicabanga ukuthi kusukela le kuMartin Luther kuya ePhentekoste bebefanele babuyele emuva futhi babe nenkomfa futhi, tholani, nguMoya oNgcwele ozohola ibandla, hhayi izimfundiso ezingaphikiswa, nezivumokholo, no*Yethi Mariya* nesiVumokholo sabaPhostoli. Ngifuna ningitholele isiVumokholo sabaPhostoli eBhayibhelini. E-hhe. Ayikho into enjalo; kodwa nokho siyakhothama kukho, futhi sikusho, futhi nje njenge. . . Lokho ngabajoyini bedlangala; lokho akusiwo amaKristu.

161 AmaKristu azelwe ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu. UMoya oNgcwele ungena kubo, futhi bagcwaliswe ngoMoya. Ukuphila kukaKristu kuphila ngabo. "Baya ezweni lonke futhi bashumayele ivangeli." Kude kangakanani na? Umhlaba wonke. Okwalesisizukulwane nje na? Umhlaba wonke. "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Kude kangakanani na? "Izwe lonke, konke okudaliweyo okukholwayo." "IGama laMi bayakukhipha amademoni, bakhulume ngezilimi ezintsha, baphathe izinyoka, noma baphuze okubulalayo, akusoze kwabalimaza. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda."

162 Yilokho iziyalo esasiyikho. Lezo kwakuyiziyalo ezivela enkomfeni, ezivela kuNkulunkulu eZulwini, wathumela ezansi imiphumela, ukuvunguza komoya onamandla. O, kude kangakanani. . .? Sidinga enye inkomfa, bazalwane.

163 Kwenzekani ngenkathi inkomfa na? Abahambanga futhi bathi, "Manje ngithatha isandla sakho. Ngizoba yilunga lalelibandla."

164 Thola usawoti ovuvuzelwayo bese uphosa okuthathu noma okune ukufafaza kwamanz-. . . ukungcola, noma amanzi, noma

ngabe ufuna ukukubiza ngani, kubo bese uphuma bese ethi, "Manje usuyilunga." Lokho akulungile. Qhabo mnumzane.

165 Hhayi ngisho nasembhaphathizweni wamanzi, osemqoka kakhulu: kwakuselokhu kungesiyo into.

166 Kodwa kwafika inhlokomo, njengokuvunguza komoya onamandla, kwavela eZulwini. Lagcwalisa yonke indlu ababehlezi kuyo. Lokho kwakuyimiphumela yaleyonkomfa, indlela uNkulunkulu anquma ngayo ukuphatha iBandla laKhe. Sinesibindi kanjani ukuzama ukususa okuncinyane okukodwa kulokho! Sinesibindi kanjani, njengabantu, ukwengeza into eyodwa noma sisuse into eyodwa kukho na? Singakwenza kanjani na? Yileyondlela iBandla elifanele liphathwe ngayo: ngamandla kaMoya oNgcwele.

167 Kwakukhona enye inkomfa eyabanjwa khona lapho. Lawomadoda aphuma, ashumayela iVangeli, aphulukisa abagulayo. UPetru noJakobe badlula esangweni elithiwa eLihle, futhi lapho kwakulele indoda ikhubazekile kusukela esizalweni sikanina. Bathi, "Isiliva negolide anginalo, kodwa enginakho, ngizokunika khona: EGameni likaJesu Kristu sukuma uhambe." Futhi washo wahamba.

168 Kwase kwenzekani-ke na? Babefuna ukubafaka ejele. Izingosi zezindaba zazinokugxeka kwazo zonke izinhlobo kukho. Futhi bavele babagxeka futhi babahlwitha phambi komkhandlu, umkhandlu jikelele webandla. Ngenkathi benza ezinkantolo zeSanhedrin, babebenqabela ukuba baphinde bashumayele lolohlobo lweVangeli. Ngakho babezokwenzani na? Babenqatshelwe ukushumayela iGama likaJesu Kristu. Ngakho babengenzani na? Babamba enye inkomfa: "iNkomfa yeZenzo 4" sizokubiza kanjalo, iZenzo 4. Bahlangana neqembu labo uqobo.

169 Bekungeke yini lokho kube kuhle ukuba onke amaKristu abengathola namaqembu awo uqobo, futhi onke amaqembu ayehlangana ndawonye futhi abambe inkomfa, "Sifanele senzeni na?" Ubukhomanisi bugcwalisa isizwe sakithi, isizwe sakithi siqala ukushwibeka ngobukhomanisi; nebandla liyabanda futhi linesiko. Amabandla ayalwa wodwa, eqhumisana, namalunga a . . .

170 Ubungababuza ukuthi bangamaKristu yini. Uthi, "Ngingoka*S'bani-bani*." Lokho akuhlangene ngalutho nakho. UNkulunkulu akakukhathaleli *lokho* ngenhlangano yakho. [UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe—Umhl.] Ufuna ukwazi ukuthi uzelwe ngokusha yini. Uma ungazelwe ngokusha, khona-ke awusuye umKristu. Ungaba ngumKristu kuphela lapho uthatha ukuPhila kukaKristu kuwe. Uma ukuPhila kukaKristu kukuwe, kuzoveza ukuPhila kukaKristu. Ungawakha amapentshisi emvinini wekhabe na? Impela ngeke.

171 Ngakho bhekisisani ukuthi kwenzekani. Bahlangana ndawonye, futhi babuthana ndawonye, futhi bacaphuna umBhalo, baphinda umBhalo bawubuyisela kuNkulunkulu. Wathi, "Kungani abahedeni baxokozela nabantu bacabange into eyize na?" Ukufunda ingqondo, ukubhula, ukufunda ingqondo, zonke lezizinto eziyize, wathi, "Kungani becabanga okuyize na? Qiniso, welula isandla saKho, soMntwana waKho ongcwele uJesu, ukuphulukisa."

172 Futhi ngenkathi sebenaleyonkomfa, futhi kwakukhona cishe. . . Ngiqagele kwakukhona izinkulungwane ezintathu ezaphenduka ngosuku lwePhentekoste, na—namakhulu namakhulu amaningi emva kwalokho. Cishe babalela, kubantu abayizinkulungwane eziyisishiyagalombili noma eziyishumi, babuthana egumbini ukuba bakhuleke. Futhi ngenkathi benza, futhi bekhuleka bonke nganhliziyonye, sonke isikhathi esifanayo, iBhayibheli lathi isakhiwo sazamazama lapho ababebuthene khona ndawonye. Impendulo iyabuya, neBhayibheli lathi bashumayela iZwi likaNkulunkulu ngesibindi.

173 Abanye abantu bayesaba ukushumayela iZwi. Bayoxoshwa ebandleni labo, inhlangano yabo. Bayakwesaba. Khona-ke sidinga enye inkomfa, iNkomfa yeZenzo 4. Niyesaba ukuthi omunye umuntu uzothini na? Inqobo nje uma uNkulunkulu ekushilo, hlala nakho; uphile ngakho, ufe ngakho. Kunjalo. Futhi uyovuka ngakho, into kuphela oyoyenza, indlela kuphela ongavuka ngayo.

174 Inkomfa, esikudingayo yinkomfa. "Wozani, sithethe indaba," kusho uNkulunkulu. "Uma ibandla laMi lokuqala . . . " Belingathi, uNkulunkulu ubezongena egumbini kulobubusuku futhi athi, "Uma Ngamisa iBandla laMi lokuqala futhi babenesibusiso sePhentekoste phezu kwabo, nalokho abakwenza, baphuma futhi bakhombisa izibonakaliso zokuvuka; asize futhi sithethe indaba ukuthi kungani singenakho lokho kulobubusuku emaqenjini ethu ePentecostal, emaqenjini ethu eMethodisti, emaqenjini ethu eBaptisti, emaqenjini ethu ePresbyterian. Yini indaba na? Kukhona okungalungile. Ngakho asize, sithethe indaba."

175 Besingakuzindla kanjani na? nama—namaMethodisti na? namaBaptisti na? nePresbyterian na? Qhabo, mnumzane. Singakuzindla kuphela ngeZwi likaNkulunkulu. Futhi ibandla lokuqala lagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, laphuma ngezibonakaliso ezinkulu nezimanga. UkuPhila kukaJesu Kristu kwaziveza qobo lwaKho empilweni yawo wonke umuntu walabobantu. Asize. . . ngani. . .

176 "Asithethe indaba," isho iNkosi. "Ake size, futhi sizindle. Nakuba izono zenu, ukungakholwa kwenu, kubomvu, Ngizozenza zibe mhlophe njengeqhwa. Nakuba zibomvu

njengokububende, zizoba mhlophe njengoboya bezimvu. Ngizoninika imvuselelo. Ngiyakubuyisela emuva wonke unyaka odliwe yinkasa, odliwe isikhonyane. Okushiywe yiLuthela, iMethodisti ikudlile. Okushiywe yiMethodisti, iBaptisti ikudlile. Okushiywe yiBaptisti, iPentecostal ikudlile. Kodwa Ngiyakubuyisela," isho iNkosi. Mm. "Ngizo . . . "

177 Kuyisiqinisekiso sokubuyisela, leyo yinto eyodwa. UNkulunkulu wakwethembisa kuJoweli 2. "Ake size, sithethe indaba." Lokho omunye akudle phansi futhi wakushiya, omunye wakwehlisa, kuze kube yisiqu. IPentecost, ibandla lePhentekoste langempela, abantu bangempela bePhentekoste, isehlakalo sangempela sePhentekoste sesiqalile . . . siyinto yomlando.

178 Manje, bengingama kanjani futhi nginifundise isayense yezenkolo na? Bekungangisiza ngani ukunitshela ukuthi uNkulunkulu ngesinye isikhathi waphulukisa abagulayo, futhi—futhi wenza abakhubazekile ukuba bahambe nezimpumputhe ukuba zibone; futhi wathulula uMoya waKhe, futhi babenokwehlukanisa komoya, futhi benze zonke lezizinto; nesibonakaliso sikaMesiya, ukuvuka, sabalandela kwehle njalo onyakeni webandla; bese-ke ngikutshela ukuthi lezozinsuku zase zedlule na? Usiza ngani uNkulunkulu womlando, uma Engesuye uNkulunkulu ofanayo namhlanje na?

179 Bekuyosiza ngani ukunikeza izinyoni zakho umzwilili amavithamini ukwenza izimpaphe ezinhle namathambo amaphiko aqinile, futhi uyigcine esibiyelweni na? Sisiza ngani isikole sesayense yezenkolo, uma ungeke wazisa umuntu ukuthi uNkulunkulu usenguNkulunkulu na? Uma nje Eyinto yomlando, Wedlulile.

180 Kodwa Akafile; Uphila kuze kube phakade. Ulapha manje. UnguKristu. Impela.

181 Sidinga ukuhlangana futhi sikuzindle. Kwakuluhlobo luni lwebandla ekuqaleni na? Yilolohlobo lwebandla . . . UNkulunkulu akanasiphelo futhi angewuguqule umqondo waKhe. UNkulunkulu wenza isinqumo, Uzofanele asigcine. Isinqumo sakhe sokuqala sebandla lamaKristu langempela senzeka ngesehlakalo sePhentekoste. Manje, leyo kwakungesiyo inhlangano yePentecostal; leso kwakuyisehlakalo sePhentekoste, esingeza kwiMethodisti, iBaptisti, iKatolika, iPresbyterian, kumbe noma ubani othandayo. Leso yisehlakalo esifikayo.

182 Uthando, uthando lukaNkulunkulu. Uthando luyinto enamandla kakhulu ekhona ezweni. Lunqoba noma yini, wuthando. Ngalokhu niyakunqoba, ngothando lobuNkulunkulu, nithandane, nithanda injongo kaNkulunkulu, nithanda uKristu, nithanda isintu esihluphekayo. Unqoba kanjalo-ke.

183 Yebo, babenenkomfa, futhi bathola iziyalo, baphuma, bashumayela uNkulunkulu we. . .iZwi likaNkulunkulu ngesibindi.

184 Manje, ngizokhuluma ngenye futhi inkomfa okomzuzwana nje. Ungahle ukuba uphuthelwe yiNkomfa yaseGeneva. Ungahle ukuba awuzange uzwe ngisho nemiphumela emsakazweni. Ungahle ukuba ugeje iGetsemane, okwenzile. Ungahle ukuba ugeje uLwandle oluBomvu. Wakwenza. Ningahle ukuba nizigejile zonke lezizinkomfa, kodwa nansi eyodwa enizoyimela, leyo yinkomfa ekwaHlulelweni. Nonke nizoba lapho. Sonke sizoma esiHlalweni sokwaHlulela sikaKristu ukuziphendulela ngalokho esikwenzile ngoKristu neZwi laKhe.

185 Kuzobakhona inkomfa, futhi nizoba lapho. Angikhathali ukuthi wenzani ngempilo yakho. Ubungazibulala, ube necala kakhulu uze umzimba wakho ushiswe futhi wakhishwa phezu kwezilwandle futhi waphephethwa emimoyeni yomine. Uyoba lapho noma kanjani, ngokuba onke amadolo ayokhothama nazo zonke izilimi ziyovuma. Kungahle kube nenkomfa enamandla, neziningi zazo eningazigeja; kodwa kukhona eyodwa ozoyethamela.

186 Futhi ngizokutshela, njalo lapho ubona izinwele ezimpunga kusho ukuthi uyahamba. Njalo lapho uzwa inhlabamkhosi, u . . . yinkomfa ozohlangana nayo. Ukufa kuhlangana nawe ebusweni. Omncane noma omdala, noma ngabe ungubani, usendleleni yakho. Njalo lapho wedlula emathuneni, kuyakhuluma ukuthi uza kuleyonkomfa. Njalo lapho uzwa intshumayelo ishunyayelwa, kuculwa ihubo, kusho ukuthi uza kuleyonkomfa, futhi uzoba lapho. Futhi uzophendula ngalokho okwenzile ngeZwi likaNkulunkulu, nangeNdodana kaNkulunkulu, nangoMoya oNgcwele Akuthumele wona. Uzophendula. Uzoba kuleyonkomfa.

187 Ngakho uma nilapha kulobubusuku, bangane, futhi ningakaze nibe naleyonkomfa noNkulunkulu. . .Izono zabanye abantu zihamba phambi kwabo, zivunyiwe; abanye ziyabalandela. Uma okwakho, ukungakholwa kwakho, kungakavunywa namanje, ungecabange ngakho sisakhuleka, sisakhothamisa amakhanda ethu na?

188 Enhloniphweni nasekuhlonipheni kwalomzuzwana Ngizobuza umbuzo onesizotha bonke abantu abazofanele baphendule ngawo. Yiba qotho, futhi lesi makube yisikhathi sokuhlola enhliziyweni yakho. Uzokwenzenjani emva kwa*le*nkomfa na?

189 Lena yinkomfa kulobubusuku, lapho sibuthene khona ndawonye lapha kulendawo yokuvivinya umzimba ukukhuluma iZwi likaNkulunkulu emahholo kanjalonjalo njengoba nje benza ezinsukwini zasekuqaleni. IZwi likaNkulunkulu elifanayo selishunyayeliwe. Uzofanele uphendule ngolunye usuku ngakho.

190 Ngabe bakhona labo aba...lapha kulobubusuku, noma bangaki na? (Ngiyazi kuneqembu) elizosho lokhu kimi: "Mfowethu Branham, angikaze ngizalwe ngoMoya kaNkulunkulu. Angikaze ngemukele uMoya oNgcwele kaNkulunkulu. Futhi ngiyazi uma ngima kuleyo—leyonkomfa, emva kokuba sengitsheliwe ngokusobala kakhulu ngumBhalo, kwafakazelwa nguMoya oNgcwele, ngizodingeka ngizilande ngempilo yami ngalolosuku. Ngizophakamisa isandla sami kuNkulunkulu futhi ngiMcele ukuba abe nomusa kimi, futhi ngifuna inkomfa khona manje noNkulunkulu. Ngingathanda ukukuxoxisana naYe khona manje."

191 Manje, onke amakhanda ekhotheme (Makaqalekiswe ophakamisa amehlo abo.), ungasiphakamisa isandla sakho bese uthi, "Ngikhulekele, Mfowethu Branham. angikamemukeli uMoya oNgcwele okwamanje"? UNkulunkulu akubusise. Omunye umuntu na? Impela ubuyothembeka esikhathini esinjengalesi; uya enkomfeni. UNkulunkulu akubusise, nenekazi, uNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise *lapha*.

192 Uya enkomfeni. Futhi khumbula, akunandaba ukuthi ubulunge kangakanani ebandleni, lokho aku ex-...lokho akwenzi neyodwa into. AbaFarisi ngezinsuku zikaJesu babephila impilo engcwele kakhulu kunoma yimuphi wethu lapha eMelika siphila; kodwa babethathwa njengababi, ngoba babeyizoni, abangakholwa kuKristu neZwi laKhe. Futhi nginitshelile ngokusobala inkomfa, ngenkathi uNkulunkulu efuna ukunquma ukuthi hlobo luni lwebandla Ayelufuna, kwakuyibandla eligcwaliswe ngoMoya elivela ePhentekoste. Uma ungakahlangani naleyonkomfa okwamanje, ungasiphakamisa isandla sakho bese uthi, "Mfowethu Branham, ngikhulekele"? UNkulunkulu akubusise, wena, wena.

193 Kovulandi abasesitezi ngakwesokunxele sami, ngabe ukhona phezulu lapho ongaphakamisa isandla sakho ngokuthula na? Amakhanda enu ekhotheme, wonke umuntu ekhuleka, ngiyacela. Ovulandi abasesitezi ngakwesokunxele, ovulandi abasesitezi ngemuva, ovulandi abasesitezi ngakwesokudla; manje khumbulani, ngeke nginenze nenze lokhu, ngingakhuluma kuphela iZwi, kukini ukuba ninqume. Kodwa khumbulani, lomlayezo ofanayo uzokwahlulela. Useteyipini kazibuthe eZulwini, futhi uyodlalwa futhi ngoSuku lokwaHlulelwa.

194 Uma ungakawemukeli uMoya oNgcwele kaNkulunkulu okwamanje, awukaze ube naleyonkomfa futhi wahlangana njengoba benza enkomfeni yePhentekoste, awukaze uMemukele namanje, phakamisa isandla sakho nje, uthi, "Ngikhulekele, Mfowethu Branham." Omunye ongasiphakamiselanga isandla sabo kuNkulunkulu, phakamisa isandla sakho.

195 Baba wethu waseZulwini, Wena uyazibona izandla zabantu. Bekukhona abanye abaphakamisa izandla zabo futhi bebefuna ukukhunjulwa emkhulekweni, isibindi esenele. Bafanele babe nokubonga kanjani. UJesu wathi, “Akekho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi kuqala.” Cabanga ngalabo esibaziyo ohlezi khona lapha abangaziphakamisanga izandla zabo. Manje, Wena unguMahluleli wenhliziyo. Labo Okhulume nabo futhi abaziphakamisanga izandla zabo, kuyoba njani ngalabobantu ngoSuku lokwaHlulela lapho sekubanjwe inkomfa yokugcina na? Khona-ke kuyanqunywa ukuthi ubani owemukela, nokuthi ubani ongazange, abamagama abo ayeseNcwadini. Wena wathi, “Labo abangakwesokhohlo saMi, Ngiyakuthi, ‘Sukani niye emlilweni ongunaphakade olungiselwe udeveli nezingelosi zakhe.’”

196 Futhi siyazi ukuthi isikhathi sesiseduze. Sibona izwe lisesimweni sokuvevezela, esiqhaqhazelayo; sazi ukuthi ama-atomu masinya azosha, amazulu azobe esha, njengoba umphostoli uPetru asho, futhi uyosha ngokushisa okukhulu. Ama-atomu omhlaba azobamba umlilo masinya. Kuyobakhona ukudedelana, futhi akuyikubakho ngisho nothuli lwabantu.

197 Bese kuthi-ke ini, Nkosi na? Mhlawumbe iminyaka engamakhulu amahlanu kusukela manje itshe lethuna elidala, laqheshulwa ngaleya emimoyeni ehewulayo, elishisayo, ilanga elikhipha amabhamuza, lapho lilala eduze kwelanga lokuhlanjululwa kwalo ngaphambi kwesikhathi seminyaka eyiNkulungwane, mhlawumbe igama labanye abantu lapha lizobhalwa kulokho. Uyoba kuphi umphefumulo wabo ozulazulayo na? Kwangathi bangebheke lelizwe lesimodeni manje, kodwa kwangathi bangabuka le kuKristu, balalele umlayezo nesiThunywa esikhuluma enhliziyweni yabo. Busisa labo abaphakamise izandla zabo, Baba, kwangathi bangemukela uMoya oNgcwele, ngiyakhuleka, eGameni likaKristu.

198 Futhi namakhanda ethu ekhotheme, umzuzwana nje, benikuqondile ngempela lokho na? Ungeza lapha e-altare na? Sukuma uphume esihlalweni sakho manje, wena ophakamise isandla sakho.

199 Nani eningaziphakamisanga izandla zenu: uma kade nisemihlanganweni yesikhathi esizayo, enizobona lapha, futhi, niMbone ngomkhuleko evula amehlo abantu abayizimpumputhe, niMbone ephulukisa labo abakhubazekile nabasontekile, niMbone ehla futhi ehlulela yona impela imicabango yenhliziyo yabantu, njengoba nje Asho . . .

200 Manje, lowo nguMoya waKhe okhuluma nawe manje, uMoya eniwubonile lapha kulobubusuku owazi izimfihlo zenhliziyo, lowoMoya ofanayo ungitshela ukuthi baningi lapha abafanele beze. Sukuma manje futhi uze lapha futhi ume uzungeze lomsamo omncane lapha umzuzwana wenzele izwi lomkhuleko.

Uzoza na? UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu abusise . . .

Ungangedluli, O omnene . . .

Ungeza, noma ubani na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyawuzwa umkhuleko na? Woza ngenhliziyo eqotho.

Ngenkathi Ubabiza abanye,
Yenza . . .

201 Yehlani niphuma kovulandi abasesitezi, ningeke na? Abanye benu bafo abasha nje esikhathini sokuguquka kwempilo, wozani nemukele uKristu njengoMsindisi wenu. Nizokwenza kulobubusuku na? Gcwaliswa ngoMoya oNgcwele. Lesi yisikhathi, indawo, yonke into isimi ngomumo manje. Akuyikubakho-zaba, ngokuba wona impela uMoya olapha kulobubusuku uzomelana nawe ngoSuku lokwaHlulelwa. Manje, niyazi bengingeke ngazisho lezizinto ngaphandle uma bekunjalo. Yehla kuvulandi osesitezi.

Msindisi . . .

Ngenhlonipho yokuzithoba, ngokuthula, ungaphuma esihlalweni sakho na? Yenza nje izinyathelo ezimbalwa, wehlele lapha, ume lapha wenzele umkhuleko. UNkulunkulu abusise laba abazayo.

. . . khala;
Ngenkathi e . . .
Ungangedluli.

202 Ngama eduze kwenenekazi eliselisha lifa esikhathini esingeside esedlule, ngangikade ngikomunye wemihlangano. Lathi, "Ungakhuleki, Mfowethu Branham," lathi, "usuku lwami seluhambile." Lathi, "Ngobunye ubusuku emhlanganweni wenu kwakul'khuni ukuba ngihlale esihlalweni, ngihlezi nje nesoka lami. Ngambuza ukuthi uzoza yini, wathi, 'Qha.'"

203 Kodwa lathi, "Lolo kwakulusuku lwami lokugcina." Lathi, "Sekuleyithi kakhulu manje." Intombazane, inenekazi eliselincane elikahle, kodwa lalibulawa yisifo senhlaliswano abangakwazanga ukusihlehlisa. Futhi umngcwabi, umngane wami, waphampa wa- . . . uketshezi lokugqumisa emzimbeni walo. Lalilokhu lihamba, abakwazanga ukuthola ukuthi kwakukuphi. Bakuhogela. Imigodi yayidlile kowesifazane . . . owenenekazi eliselincane umzimb- . . . inenekazi eliselincane elihle. Lathi, "Bengifanele ngize."

204 Laliyilunga lebandla. Yebo, mnumzane. Umelusi walo emi lapho, ebhema usikilidi ngenkathi lifa. Niyazi ukuthi wathini kulo na? "Wena mkhohlisi wabantu. Ungitshele ukuthi ngangiqinisile; ubunephutha." Lathi, "Ngiyafa futhi ngilahlekile, futhi wena uyimbangela yakho."

205 Labiza intombazane eza eTabernakele eyazama ukuliholela kuKristu. Bobabili baya esikoleni esiphakeme ndawonye.

Yazama ukumthola ukuba eze; kodwa kwase kwedlule isikhathi, intombazane yayifile ngaphambi kokuba ifike lapho. Yayifuna ukuphenduka. Yayifuna, itshele lentombazane ukuthi yayizisola, ngoba yayiyibize ngegama elingcolile: "umgingqiki ongcwele."

206 Kuhlale kukhomba njalo ekupheleni komgwaqo. Yilapho eninenkomfa yenu nengelosi yokufa. Iza komunye nomunye wenu. Uzohlangana nayo ngokunye kwalokhu ukusa. Ungahlangana nayo emgwaqeni omkhulu kulobubusuku. Ungahlangana nayo embhedeni wakho kulobubusuku. Uzohlangana nayo ndawo ndawo, futhi uzoba nenkomfa. Iqamekela eduze manje. IziNgelosi zikaNkulunkulu ziqamekela eduze. Uyofuna zikunxusele ecaleni lakho ngalolosuku. Bayakhuluma manje, ungeze na? Kanye futhi sisalindile.

> Ngithemba kuphela ekufanelekeni kwaKho,

Ungalethembi ibandla lakho, themba ukufaneleka kwaKhe.

> . . . funa ubuso baKhe;
> Phulukisa owami olimele, umoya ophukile,
> Ngisindise ngomusa waKho.
>
> Msindisi, Msindisi,
> Yizwa awami athobekile . . .

Izisebenzi eziqondene nabantu, ningeza manje na?

> Ngenkathi Ubabiza abanye,
> Ungadluli . . . ( . . . ? . . . )
>
> Msindisi . . .

207 Ngenkathi izisebenzi eziqondene nomuntu zikhuphuka, ngasinye sizungeza, dedela abesifazane bedlule kwabesifazane, abesilisa ngakwabesilisa. "Wozani manje, sithethe indaba," isho iNkosi. "Noma izono zenu zibomvu, ziyakuba-mhlophe njengeqhwa."

> Ungangedluli.
>
> Msindisi, Msindisi,
> Yizwa ukukhala kwami okuthobekile;
> Ngenkathi Ubabiza abanye,
> Ungangedluli.
>
> . . . mina esiHlalweni saKho sobukhosi somusa
> Thola ukukhululeka okumnandi;

Ungephume manje na? Woza. Umunye futhi akeze? Ngabe ukhona omunye ongathanda ukuza ngaphambi kokuba sishintshe lenkonzo na?

> Msindisi, O Msindisi,
> O, yizwa ukukhala kwami okuthobekile;
> Ngenkathi Ubabiza abanye,
> O, ungangedluli.

208 Manje, bangaki phakathi lapha abangathanda ukwahlukanisela impilo yabo kabusha kuKristu na? Phakamisa isandla sakho. Vele uthi, "Kusukela kulobubusuku, kuqhubeke, ngosizo lukaNkulunkulu, ngizohlukanisela impilo yami kuNkulunkulu." Phakamisani izandla zenu, nonke maKristu aqotho. "Ngizophinda ngihlukanisele uNkulunkulu impilo yami."

Wonke lowo ogulayo, phakamisani izandla zenu bese nithi, "Ngizokholwa kuJesu Kristu ngokuphulukiswa kwami khona manje. Ngizokwenza."

Ngikholwa ukuthi uBaba wethu waseZulwini uyajabula ngalabobantu beza ukuzokwemukela uKristu. Anikholwa kanjalo na?

209 Manje, sonke asime ngezinyawo zethu umzuzwana nje, labobantu abangakwazi, okwenkonzo yethu yokuzahlukanisela, sizahlukanisela uNkulunkulu kabusha. Asisukume manje ukuvuselela izifungo zethu nokwahlukaniselwa kwethu kuKristu. NiyaMthanda na? (Kulungile, shintsha iculo, uma uthanda, libe yiculo, "Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda.")

Ng'yaMthanda . . .

Wonke umuntu, manje, wonke umuntu ndawonye.

Ng'yaMthanda, ngi . . .

Manje yenza ukuzahlukanisela kwakho kuYe.

Ngoba Wang'thanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini saseKalvari.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wang'thanda kuqala
Wang'thengel'insindiso . . .

210 Manje, ngamunye khothamisa ikhanda lakho manje, futhi emkhulekweni wokuzahlukanisela zinikele kuKristu, ngisazocela omunye wabefundisi lapha, uma ezoza futhi enze umkhuleko wokuzahlukanisela; khona lapha mfowethu, uma uthanda. Asikhothamise amakhanda ethu sisakhuleka.

